# UKUSHIYA KONKE

Ningahlala phansi. Bengifuna ukuthi sanibona kusihlwa kubo bonke. Ngijabula kakhulu ukuba lapha kulobubusuku. Lokhu nje ngikuthatha ngokuthi kuyinhlanhla enhle kakhulu kangaka ukuba lapha, lelibandla elisha elithandekayo, ukukhonza iNkosi. Kade sikubhekile lokhu, ukuphumela lapha, isikhathi impela, ngesikhathi senhlanganyelo nabantu, futhi sijabulela izibusiso, futhi sithemba ukuthi sizoba yisibusiso kini bantu. Futhi njengoba iviki liqala ukuqhubeka manje, futhi lapho siyazi ingqungquthela iyenyuka manje, iqala ngoLwesine.

2 Futhi ngizwile nje kulentambama, ngoMfowethu Williams, ukuthi sinesimangazo esihle kakhulu sangoLwesine ebusuku. UMfowethu Oral Roberts uzoba nathi, ukuba akhulume, ngoLwesithathu ebusuku. Lokho ngempela kuzoba yisimangazo esihle kakhulu kithina sonke, ngoba uMfowethu Oral ngempela uyisikhulumi esinzima. Futhi kuzoba kuhle ukuthi ngithole ukumbona, qobo lwami, futhi, ngimxhawule.

3 Futhi izolo ebusuku besiseTempe, kwiAssembly of God, ngikholwa ukuthi bekukhona, phezulu lapho. Futhi—futhi sibe nesikhathi esihle ngempela izolo ebusuku eTempe. Futhi besinesikhathi esimnandi kuwo onke amabandla ebesiwavakashela lapha endaweni yasePhoenix, kanti futhi naphezulu eTempe. Futhi nje siyazithokozela lezizinto kakhulu impela, ukuthi kungal'khuni ukukuzwakalisa.

4 Kuyivelakancane impela ukuba ngithole ishansi yokwenza lokhu, ngingenela ubusuku nje ebandleni ngalinye, futhi ngikhulume kubantu nabafowethu abangabefundisi. Futhi kunginika ithuba elincane ukuthola ukuzwakalisa ukuthokoza kwami ngalababantu, lamahlelo ehlukene namaqembu abantu. Ngoba, kungukuthi, bangabaxhasi abakhulu phandle enkundleni, ezinkundleni zapheshe ya ndawo zonke, futhi ngalendlela ngingathi nje ukuthola ishansi encane ukuzwakalisa ukuthi ngizizwe nginjani ngabo, ekuthokozeleni.

5 Futhi kade sinazimele ne. . . Ngiyakholwa, ichurch of God, iAssemblies, nawo onke; futhi, phesheya kwezilwandle, iFoursquare, ichurch of God, iAssembly of God, neJesus Name. Futhi, onke, onke nje abonakala emunye uma sihlangana ndawonye ukuba sibe nomhlangano laphaya ezinkundleni zempi. Futhi, niyazi, lapha ekhaya kungahle kube nemibono esingehluka kuyo, kodwa uma sekungena enkundleni yempi, ngani, akusekho-mehluko-ke. Niyabo?

6 Ngakhulela emndenini obanzi. Kwakuneshumi labantwana. Futhi thina bafana sasiya egcekeni elingemuva, futhi sasilwa

sodwa, o, he. Abafana abayisishiyagalolunye, intombazane eyodwa, futhi sasilwa ngempela. Kodwa akukho noyedwa owayengalokotha athinte oyedwa wethu, phandle egcekeni elingaphambili, ngoba, uma bethinte oyedwa, babeba noBranham owayevela ndawo zonke. Ngakho ngicabanga ukuthi yileyondlela okungayo ngabantwana bakaNkulunkulu, iBandla.

7 Lapha eminyakeni ethize edlule, ngangiseHouston, futhi sasinomhlangano omkhulu. Futhi ngale ne. . . nganginabaxhasi abaningana lapho; uMfowethu Raymond Richey, ne—neAssemblies of God, na—nabantu beJesus Name, nabo bonke abehlukene. Futhi sasinomhlangano omkhulu. Futhi sasiseMusic House. Awu, sasihlala cishe sibe yizinkulungwane eziyisishiyagalombili, ngiqagele.

8 Futhi kwakukhona u—umfundisi oyiBaptisti owayefuna ukungiphosela inselelo kwinkulumo mpikiswano, ngeBhayibheli, ukuthi ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kwakungaqinisile. Awu, ngedlule kokuningi kakhulu kwalokho. Kungani ngilahlekelwe wubusuku ngoyedwa ongakholwayo, kube kunezinkulungwane ezihlezi lapho ukuba zikhulekelwe, niyabo? Ngakho manje-ke wakufaka ephepheni, ukuthi ngangesaba ukukwenza.

9 NoMfowethu Bosworth omdala, osesondele eminyakeni engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, wathi, "O, makwenziwe yimi."

10 Futhi ngacabanga ngoKalebi, niyazi, "Mangithathe lentaba." Ngakho ngathi, "Mfowethu Bosworth, ngi—ngingefune uqophisane. UKristu akafuni thina maKristu ukuba siqophisane sodwa. Uma indoda ingongakholwayo, ngani, ingongakholwayo nje, yilokho kuphela. Akukho ongakwenza ngakho."

11 Futhi ngakho wathi, "Awu, okuyikho," wathi, "uma sishiya, emva kokuba bona sebefake lokho ephepheni," wathi, "bazothi nje siyisigejane esi, uyazi, ngazi ukuthi sikhuluma ngani, amadlingozi asetshenziwe nje." Wathi, "Ngifisa sengathi ubunganginika ithuba." Futhi ngambuka emi lapho, esecishe impela abe neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, futhi enokuwethemba impela nje lowomBhalo.

12 Ngathi, "Awu, Mfowethu Bosworth, uma uzonginika isandla sakho futhi uthembise ukuthi ungeke uqophisane."

13 Wathi, "O, angeke ngiqophisane." Ngakho wasuka wehla ngezitebhisi, ukuyotshela intatheli.

14 Futhi kusobala, niyazi ukuthi amaphepha angakundizisa kanjani, niyabo. "Uboya bobufundisi buyondiza," niyazi.

15 Sathola istadiyamu, inkundla edumayo, futhi ngalobobusuku sasinabantu cishe abayizinkulungwane eziyingamashumi amathathu abaphumayo. Kwase kuthi-ke kwahamba ukuyokhombisa lapho, ukuthi abantu

bafika ngezindiza, izitimela. Ngiyanitshela, babegibele amakameli anesifumbu esisodwa, amakameli anezifumbu ezimbili, namakameli anezifumbu ezintathu, kodwa onke ayephuza kulowomthombo lapho okunendawo yethu sonke, kuyafana. Yonk'into yayindawonye. Futhi kuya . . . Nginesibusiso esikhulu nje kulokho, ukucabanga manje. Niyabo, uma ngempela kufika ingcindezi, kwakunento eyodwa esasiyihlanganyele, sonke sasikholelwa kuMoya oNgcwele nokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Ngakho wonk'umuntu uyangena ukunikeza isabelo sakhe.

16 Futhi ngakho siyazi ukuthi kwenzekani ngalobobusuku, ukuthi uMoya oNgcwele wengamele kanjani. Futhi yingaleyonkathi iNgelosi yeNkosi eyehla ngayo. Bathathe isithombe sakho. Kwa—kwase kuthi-ke kwasuka lapho kwaya eWashington DC, kube ngukuqinisa. Kwase-ke, emva kwalokho, kwathathwa ngezinhlolo nezinto. NoGeorge J. Lacy, inhloko yeFBI, wabhalabhala u—umbhalo ngakho. Futhi uyinhloko yemibhalo yemisalela yeminwe ye—yeFBI. "KwakunguBukhona obungaphezu kwemvelo uqobo. UKukhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya. Kwakungesiyo isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo." Wathi, "Bengihlale njalo ngithi imihlangano yakho yayiyisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, nayo. Ngangicabanga ukuthi wawufunda ingqondo yalabobantu." Wathi, "Kodwa iso lomshini lalekhamera angeke layithatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, Mnu. Branham. Kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya." Wathi. "Kulapha."

17 Ngakho, manje-ke, Sithathiwe. Sathathwa ngaphambi kwalokho, nezikhathi eziningana emva kwalokho. Nje, nginokubonga kakhulu ukwazi. Abantu abaningi lapha basibonile lesosithombe. Anisibonanga na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiqagele, o, abaningi benu unaso. Ngijabula kakhulu ukwazi lokho.

18 Ngisho nakuba umnyakazo wephentekoste ngalolusuku lokugcina bekukhulunywa ngawo, kodwa, ngiyanitshela, ekuthatheni umlando weBhayibheli . . .

19 Ngisanda kuqeda nje u—umlando webandla, iminyaka ethi ayibe mibili edlule, kusukela ekufeni komphostoli wokugcina, uJohane, esiqhingini sase . . . ngenkathi esuka esiQhingini sasePatmose, wayesengena futhi—futhi waqeda ukubhala iziNcwadi futhi eZihlanganisa. Wakhishelwa lapho ngenxa yokuthi wayethatha uMbhalo wabaphostoli futhi enza iBhayibheli ngaWo. Futhi yingakho ayiswa esiQhingini sasePatmose. Emva kokubiliswa kugrisi imini nobusuku, base-ke bembeka ngaphandle esiqhingini. Wayeseqoqela iziNcwadi ezihlanganisa. Futhi ngaphandle kwalokho, uNkulunkulu wamnika iNcwadi yokugcina yeBhayibheli, iSambulo.

20 Kwase kuthi-ke sengibuya, ngaqala emlandweni wakhe lapho, kwase-ke kuba kwabakhe . . . omunye wabalandeli bakhe, uPolycarp, uIgnatius, nabaningi babo, kwehle njalo kuya kuMartin, uIrenaeus, uJustus, uColumba oNgcwele, kudabule njalo, kwehle kuyongena onyakeni wesikhathi sobumnyama, futhi kwedlule, futhi kwenyuke kuyongenisisa kwi—kwiLuthela, noWesley.

21 Futhi ngithole ukuthi, ngisho selokhu kwasukela ezinsukwini zabaphostoli, kuzo zonke lezozinsebenzo ezinkulu zikaMoya oNgcwele, akukho nalunye lwazo olukhanya lwedlule lomnyakazo wokugcina weNkosi, lapha kulolu izinsuku zokugcina. Asikuqondi, bangani. Kunezinto ezenzekayo manje ezingafakazisa uNkulunkulu, njengalesosithombe sika—sikaKristu, esinathi ngqo, ababengenathuluzi lokusenza ngalo, ngalezozinsuku. Kodwa manje umuntu uzama ukuzuza into ethize ngempumelelo, ukususa kuNkulunkulu, noNkulunkulu uthatha leyonzuzo efanayo ngempumelelo futhi azifakazise Yena uqobo ngayo. Ngakho nje ku . . . Awusoze wedlula uNkulunkulu, ngoba Ungonamandla onke, osezindaweni zonke, ongenasiphelo. Akukho-ndlela yokusuka kukho. Sifanele nje sibe ngabazithobayo futhi siMkhonze, yinto enhle ukwedlula zonke engiyaziyo ukuba yenziwe.

22 Nginamahloni, kodwa angikholwa ukuthi ngiyalazi igama likamelusi, lapha ebandleni. Ngi . . . [UMfowethu Griffith usho igama lakhe—Umhl.] Mfowethu Griffith, ngijabula ngempela ukukubona, mfowethu, nesikhathi sokuza lapha nalenhlanganyelo, ukuba nawe, uku . . .

23 Sithanda njalo ukukubeka kanje, kulabo abagogobele eSunnyslopes, ngoba siyizihambi lapha, abafokazi. Siyasho ukuthi leli akusilo ikhaya lethu. Siyizinzalo zika Abrahama, "Sifuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu."

24 Leli yizwe elihle. Angicabangi ukuthi ikhona noma yiyiphi into efana nalo, engike ngayibona. Futhi ngihamba cishe impela ezizweni zonke ezweni, futhi angikaze ngibone lutho eYurophu, eItali, eEshiya, nomaphi kwawaseMpumalanga, ake aqhathaniswa nePhoenix, eArizona. Manje, kunjalo. Yindawo enhle kunazo zonke engake ngazibona. Kodwa, o, iyobukeka njengendledlana, phezulu ngasohlangothini lwalokho okuyoba yikho ngalesosikhathi esikhulu seminyaka eyiNkulungwane. Ngakho si—si . . .

25 Leli akusilo ikhaya lethu. Siyagogobala nje lapha, futhi sizela ukuba nalenhlanganyelo ndawonye.

26 Kuyisibusiso kimi ukuba lapha futhi ngibone ibandla likaNkulunkulu liphumelela, isakhiwo esisha, kanjalonjalo. UNkulunkulu anibusise njalonjalo nina bantu! Thembekani kuKristu. Hlalani ngokwethembeka kumelusi, futhi nisebenze

ndawonye, wonk'umuntu nibambisane, ngokuba ngikholwa ukuthi ukuFika kweNkosi kumasinyane.

27 Manje, ngaphambi nje kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi ngomkhuleko, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

28 Singakakhuleki nje, namakhanda enu nezinhliziyo kukhotheme, ngabe sikhona isicelo phakathi lapha somkhuleko, futhi ungathanda saziwe ngesandla esiphakanyisiwe, enhliziyweni yakho nje unesidingo sento ethize, futhi uthi, "Nkosi Jesu, ngikhumbule"? INkosi izibona zonke izandla. Ngiqinisekile.

29 Baba wethu waseZulwini, sijabula kakhulu ukuthi singaKubiza ngo "Baba," uMdali omkhulu wamazulu nomhlaba, uElohim omkhulu, uEl-Shaddayi, uMnikezeli-Mandla, uMondli, Onele-konke. NangeNdodana yaKho uqobo ethandekayo, Yasitshela: uma siyoza kuWe, futhi sicele noma yini, sisebenzisa iGama laYo, ukuthi Ibiyoqiniseka ukuthi siphiwa yona. Futhi, Baba, sikholwa ukuthi lokho kusemibandeleni. Uma besiyocela into ethize ebingalungile, besingeke sibe nokukholwa ukuthi sikholwe ukuthi kuyophendulwa. Kodwa uma singahlolisisa izinhliziyo zethu kulobubusuku, asiceli noma yini engalungile, kodwa leyo elungileyo, leyo ingukuthi, ukuthi Uzosithethelela kukho konke okwezono zethu neziphambeko, ngokuba ngokweqiniso, Nkosi, leyo yinto yokuqala.

30 Asifuni ukuzama ukungena eBukhoneni baKho nesono phezu kwethu. Ngakho-ke, sazi ukuthi, usuku nosuku, izinkathazo nezinto okusithandelayo, okungahle kunganakwa ngisho nasekucabangeni kwethu uqobo, kodwa, uma sifika ekucabangeni ngoNkulunkulu ongcwele, Yena ngisho neziNgelosi zingcolile ebusweni baKhe, khona-ke siyazi, Nkosi, ukuthi asinalo ngisho nethuba ngaphandle uma siza ngeGazi likaJesu Kristu, futhi khona-ke singabantwana bakaNkulunkulu. Amaphutha ethu awanakwa, njengoba siwavuma.

31 Futhi ngiyakhuleka, kulobubusuku, Baba, ukuthi Uzobusisa lenhlangano yebandla abaphakamise izandla zabo. Uyazi ukuthi yini ebisemva kwalezo nalezozandla: umcabango, isifiso, ne—nenjongo nempokophelo ngokuphakama. Ngikhulekela ukuthi Uzopha ngamunye isicelo sabo.

32 Namanje, Baba, sikhulekela lelibandla. Sijabula kakhulu, lelo, lendawo. Uma sifunda emuva ngezinsuku zasekuqaleni, lapho amaKristu ayezondwa kakhulu, ngangokuthi ayengakwazi ngisho nokuba nendlu yokukhonzela. Ukuthi, ayempofu kakhulu, ayengeke ayakha eyodwa ukuba ayenayo, nokubona lokho noma ayenethuba lokuba nayo. Futhi manje, namhlanje, ukubona ezinkulu, izakhiwo ezinhle zenyuka, ezihlanzekile, lapho abantu bekhona, bengangena futhi

bakhonze uNkulunkulu. Sinokubonga kakhulu ngalokhu. Nangokuzinikela ukuthi, abantu, nezishumi zabo neminikelo no—nokunikela, kwakhe lendlu yeNkosi.

33 Manje, Baba, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa umelusi walo, amadikoni alo, abaphatheli balo, nawo onke amalunga eza lapha. Kwangathi lingakhula, likhule, likhule. Futhi kwangathi, kusukela kulelibandla, kungaqala imvuselelo eyifeshini endala ezoshanela isigodi, nya. Kwangathi kungabakhona izibonakaliso nezimanga ezivela kulelibandla, zokuphilisa, insindiso. Kwangathi lingaba yindlu ephethe ilambu lokukhanyisela imikhumbi kusosonke isizwe. Siphe khona, Nkosi.

34 Kwangathi, kusukela kulendawo, kungahamba abashumayeli abakahle, izinsizwa, ubizo lukaNkulunkulu empilweni yazo, ukuba ziye ezinkundleni zezimishini, noma yikuphi lapho eziyobizelwa khona. Siphe khona, Nkosi.

35 Nakulobubusuku, sisabuthene ndawonye, kwangathi uMoya oNgcwele ungeza, ungene eZwini, futhi nje utshale iMbewu kuzo zonke izinhliziyo eziphakathi lapha. Kwangathi thina ngokukholwa singaYinisela, imini nobusuku, ize Ikhule ibe yizihlahla ezinkulu zenkazimulo kaNkulunkulu.

36 Philisa wonk'umuntu ogulayo, Nkosi, olapha kulobubusuku. Sindisa wonk'umuntu olahlekile. Buyisa bonk'abahlubuki. Futhi uhlumelelise futhi uphinde ugcwalise labo abebeke bagcwaliswa ngaphambili. Siphe khona, Nkosi, ngokuba sicela lokhu eGameni likaJesu Kristu, uMntanaKho. Amen.

37 Manje, ngileyithi nje kancane, njengokuvamile. Bekuthe ukuba phambidlana phandle lapha kulobubusuku kunebengikubheke ukuba kube yikho.

38 Futhi ngakho si, kusasa ebusuku, kwenye indawo. Ngiqagele sebevele bakumemezelile. Futhi manje, uma unesonto lakho esontweni lakho uqobo lapha, kusasa ebusuku, ungehli. Kodwa uma ungenalo isonto, singakujabulela ukuba nawe. Sifuna njalo abantu ukuba bahlale esikhundleni sabo somsebenzi abawumiselwe, kungakhathaleki. Uma isonto livula, lonke isosha lifanele libe sesikhundleni salo nasendaweni yalo.

39 Futhi ngakho silapha sivakasha futhi sinesikhathi esikhulu, ngaphambi nje kwe—kwengqungquthela yoSomaBhizinisi. Futhi njengoba sengivele ngimemezelile, uMfowethu Roberts uzoba lapha ukuvula inkonzo, yangoLwesine ebusuku. Sizojabula kakhulu ukubonana noMfowethu Roberts. Bese kuthi-ke ngiyacabanga, mhlawumbe ngoLwesihlanu, uMfowethu Velmer Gardner uzoba lapha. Angazi noma uyobe ekhuluma yini ngalobobusuku, noma qha.

40 Futhi ngicabanga ukuthi kwabelwe mina, ukuba ngibe lapho ngoMgqibelo ekuseni, ekudleni kwasekuseni. Futhi uma kuyintando kaNkulunkulu, nokuba mina ngikhulume

ngoMgqibelo ekuseni, ngifuna ukuthatha indikimba, uma kuba yiyo, uma kuyintando kaNkulunkulu: *INdoda Edeleleke kunawo onke Engake NgaHlangana nawo*. Ngakho, bese—bese kuthi-ke, ngeSonto ntambama, ngizokhuluma futhi. Ngakho uma ni . . . Manje, ngoMgqibelo ekuseni, akukho-nkonzo, ngokwazi kwami. NangeSonto ntambama akukho-nkonzo, ngokwazi kwami.

41 Manje, ngingakaqali, ngikhohliwe ukuthi ngine . . . Qhabo. Ngikholwa ukuthi uBilly ushilo ukuthi unikezela ngawo onke alawomakhadi omkhuleko asele. Kunjalo na? Ngabe akhona amakhadi omkhuleko anikezelwa lapha kulobubusuku na? Awu, unikezela ngengxenye yawo, kwenye inkonzo, izolo ebusuku, ngoba kade ngi—ngihlalisa abantu isikhathi eside kakhulu.

42 Ngithi ukushumayela isikhathi eside, amahora ayisithupha noma ayisishiyagalombili, into enjengaleyo, ngesiny'is'khathi, uma ngithola ukuthatheka. Manje, angi . . . Kulobubusuku, angihlosile ukushumayela ngaphezu kukahhafu walokho. Nje . . . Ngakho ngicabange ukuthi sinikezela ngamakhadi omkhuleko, bese kuthi-ke si . . . beningaya ekhaya phakathi nobusuku, empeleni, ngakho manje-ke emva kokuba siba nomugqa womkhuleko. Ngakho, uma nje kunguhhafu walokho. Futhi angazi kakhulu kangako, kodwa nje kungithatha isikhathi eside kakhulu ukusho engikwaziyo. Ngakho, engikwaziyo, ngiyathanda ukukusho kahle kakhulu, ngithatha isikhathi sami nje ngakho, niyazi. Kuhle. Bengincokola kuphela lapho, ngoba ngi—ngizozama ukuphuma, eminye imizuzu engamashumi amane-nanhlanu, noma okuthize, ukuya emgqeni womkhuleko.

43 Nginomncane nje, umBhalo owodwa lapha kulobubusuku engifuna ukuwufunda, bese ngithatha indikimba, futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzoyibusisa. Uma nifuna ukuyifunda uma nifika ekhaya, ikuMarku, isahluko 10 nevesi 28.

> *UPetru* uthatha *wathi kuye, Bheka, thina sishiye konke, sakulandela.*

44 Manje, ngithanda ukuthatha indikimba, ukwakha ingqikithi encane phezu kwalapho, yokuthi: *Ukushiya Konke*. Bese kuthi-ke, emizuzwaneni embalwa, sizokhulekela abagulayo. Futhi manje, nina enijwayelene noMarku, isahluko 10, simendlalele. Nje . . . UJesu wayekade exoxa, ngaphambilini, ngesahlukaniso.

45 Bese kuthi-ke futhi Wayenento eshaqisayo ngempela ukuba yenzeke. Kwakunensizwa eyisicebi eyeza igijima kuYe, yayisithi, "Mfundisi omuhle, bengingenzani ukuba ngibe nokuPhila okuPhakade na?"

Wayeseyitshela, "Gcina imiyalelo."

46 Insizwa yathi, "Ngikwenzile lokhu, kwasebusheni bami. Noma, miyalelo mini na?" Wayeseyitshela ukuthi yayiyini. Yayisithi, "Ngikwenzile lokhu."

47 Wathi, "Kepha usasilelwe yinto inye. Uma ufuna ukuba ube nokuPhila okuPhakade, uphelele, bese uthengisa ngakho konke onakho bese ukupha abampofu. Uthabathe isiphambano sakho uNgilandele."

48 Ake silandele leyonsizwa okwemizuzwana nje embalwa singakangeni endikimbeni, ukunikeza isendlalelo.

49 Manje, niyabo, leyonsizwa yacelwa ukuba ishiye konke, kodwa yala ukukwenza. Futhi ngezinye izikhathi uma sisebenzisa inhlanhla nengcebo, kanjalonjalo, ibe "yimpumelelo," kodwa lensizwa yayiyinsizwa enempumelelo futhi yayisalokhu ingenakho ukuPhila okuPhakade. Ngakho, ngezinye izikhathi, impumelelo ayisho njalo ukuthi uNkulunkulu uyabusisa.

50 Kodwa ake siyilandele. Siyithola lapha manje ebusheni bayo, isencane, mhlampe obukekayo, osemncane, umfo ogqokile. IBhayibheli lasho, ukuthi, "UJesu wayithanda." Ifanele ukuthi yayinomuhle, olungile, unembeza othambile. Ifanele ukuba nge—ngenhle kakhulu into ethize, kungenjalo yayingasoze yazuza ukwaziswa yiNkosi uJesu. Ngoba, ngenkathi uJesu eyibheka, "Wayithanda." Ifanele ukuthi yayinokuziveza okunomusa, nokubukeka kahle kuyo, umnumzane ohloniphekile ohlanzekile, umfana oqonde ngqo. Futhi yenyukela kuJesu, mhlampe icabanga, ngobuqotho, yayisithi, "Ngithanda ukwazi ukuthi bengingenzani ukuze ngibe nokuPhila okuPhakade."

51 Futhi ngenkathi yayisizosuka ihambe nalokho eyayinakho, ukuba ibe nokuPhila okuPhakade, khona-ke umbuzo wawusesangweni, ukuthi ngabe ungakwenza yini. Nalowombuzo ubekwe phambi kwethu sonke. NoJesu ngempela wayicela ukuba ishiye konke eyayinakho, ithabathe isiphambano sayo, futhi iMlandele. Futhi siyayazi indaba. "Yamuka idabukile, ngokuba yayinengcebo enkulu."

52 Wayesephenduka-ke uJesu, wayesethi, "Kuyoba l'khuni kangakanani ukuba isicebi singene eMbusweni weZulu, njengekameli ukuba lingene embotsheni yenalithi. Kepha lokho bekungeke kwenzeka kumuntu, kodwa," Wathi, "kuNkulunkulu kungeke kungenzeki."

53 Ake silandele lombusi osemncane. Isikhathi esilandelayo esimthola kuso, eBhayibhelini, akazange . . . wathi nje angenqaba ithuba ukuba alandele uJesu, ngenkathi kwendlalwa kuye kuthe ukuqina.

54 Niyabo, sifuna ukubambelela kuyo yonke into esingabambelela kuyo, bese-ke silandela uJesu. Kodwa ngesinye isikhathi uJesu usifuna sidedele yonke into, ukuze sithole zombili izandla zethu zikuYe. Ngezinye izikhathi sicabanga ukuthi, ngenxa nje yokuthi—yokuthi sibambelele.

55 Kungikhumbuza ngento encane engijwayele ukuyixoxa, ngamantombazanyana ami amabili. Awasemancane kangako

manje, futhi asengamantombazane asethe ukulingana kahle. Kodwa, ngenkathi esemancane. . .Enye yawo nguRebekah; ungomdala. Futhi, uSara, ungomncane. NoBecky unamehlo al'hlaza s'bhakabhaka, noSara unansundu. Kodwa omabili angamantombazane kababayi, niyazi. Futhi ngakho ayalinda ebhekile ukungibona ngifika ekhaya, futhi athanda njalo ukungibona. Futhi ngakho uBecky uthe ukuba. . . wayethe ukuba ngomude, uhlobo lwentombazane ezacile. NoSara wayengomcane, othe ukuba mfishane, umfo omncinyane.

56 Futhi ngakho babelindele mina bengalele ukuba ngifike ekhaya, ngobunye ubusuku. Ngangikade ngingekho ngisemihlanganweni, futhi babazi ukuthi ngangizoba sekhaya, ngakho bacabanga ukuthi babezovele nje balinde isikhashanyana. Futhi uma ngifika ekhaya, babefuna ukungibona. Awu, ukudumba kwamehlo kufanele ukuthi kwasekuqalile ukudumba emehlweni abo, futhi bozela. Futhi ekugcineni baya embhedeni, phandle ekamelweni labo.

57 Futhi ngangena sekuleyithi. Ngakho ngangena, ngangikhathele ngempela, ngaya embhedeni. Futhi emva kwemihlangano, kanjalonjalo, ngikhathala kakhulu angikwazi ukulala, emva kwamaviki ambalwa omhlangano. Futhi ngalala cishe amahora amabili noma amathathu, ngavuka, ngangena e—ekamelweni lokuphumula, futhi nje ngahlala phansi esitulweni. Ngangihlezi lapho esitulweni, kusesekuseni ekuseni.

58 Futhi emva kwesikhashana, uBecky waguquka, ekamelweni lakhe lokulala, futhi waqonda ukuthi kwase kusile. Wayeselunguza ehholo, wayesengibona ngihlezi phandle lapho esitulweni. Uza uphuma embhedeni, ngokukhulu nje ukushesha, leyo emincane, ezacile, imilenze emide, yeluleleka kukho nje.

59 Awu, lokho—lokho kwamethusa uSarah. Futhi angazi noma ngabe abantwana benu uyakwenza lokho, noma qha, kodwa, he, uthola okuthize komdala, nowesibili uthatha okudluliselwa kuye. NoSarah wayegqoke amaphijama kaRebekah, izinyawo zinkulu le, niyazi, futhi emakhulu kakhulu kunaye. Futhi, yena, uza uphuma embhedeni, nalezozinyawo ezinkulu zindiza. Futhi wayengenakuphikisana noRebekah.

60 Ngakho uRebekah wamedlula eza kimi. Wayesegxumela ethangeni lami, washo wangigaxa ngezingalo zombili, nje uhlobo lwe. . . Wayengasedolweni lami langakwesokudla, nemilenze yakhe emide ifike phansi kwiphansi lendlu. Wayebhalanse kahle kakhulu.

61 Kuthi ukungikhumbuza ngezinye zezinhlangano zokuqala ezinkulu kunezinye, niyazi, ezifikayo. Niyazi, kade zilapha isikhathi eside, zithe ukuba nemilenze emide, kanjalonjalo, zibhalanse kahle kakhulu.

62 Futhi nakhu kufika uSarah ehambisana, elincane, ibandla eliselincane, niyazi, ebelingakaphumi isikhathi eside kakhulu.

Futhi wayethe ukubona ukuthi uBecky wayemedlulile—medlulile lapho.

63 Ngakho uRebekah wayengigaxile. Waqalaza. Wathi, "Sarah, dadewethu, ngifuna wazi into eyodwa." Wathi, "Ngibe lapha kuqala." Wayesethi, "Nginaye wonke ubabayi, futhi awusasele nalutho." (Bazama ukusitshela lokho, niyazi, sonke isikhathi.) Wathi, "Ngibe lapha kuqala, futhi nginaye wonke ubabayi, futhi awusasele nalutho."

64 USarah omncane bandla wagobisa ikhanda lakhe. Udebe lwakhe oluncane lwawa. Waqala ukumuka, nezinyembezi kulawomehlo amakhulu ansundu. NoBecky wayecamelise ikhanda lakhe phezu kwehlombe lami, ethi ukungisingatha.

65 Ngathatha umunwe wami ngase ngifinyelela *kanjalo*, kuSarah, ngase ngifuqa omunye umlenze ngiwukhipha. Nangu eza, wayesegxumela phezu komunye umlenze, futhi, ngani, wa—wa—wayengakwazi ukuzibhalansela. Imilenze yakhe emincane yayingafinyeleli kwiphansi lendlu. Kodwa wayesemlenzeni, noma kanjani. Niyabo? Ngakho wayehamb'ecathula *kanjalo*.

66 Awu, ukuvimba angawi, ngavele nje ngafinyelela ngezingalo zombili futhi ngamgaxa, *kanjalo*, ukumbamba. Futhi ngangimbambe ngimphakamisele eduze kimi, wayesencikisa ikhanda lakhe elidadlana kimi kancanyana.

67 Waphakama wayesebuka uBecky, wayesethi, "Manje, Rebekah, dadewethu," wathi, "Ngifuna ukukutshela okuthize, nami." Wathi, "Kungahle kube njalo ukuthi unaye wonke ubabayi, kodwa ngifuna wazi ukuthi ubabayi unami wonke." Ngakho lokho kunjalo.

68 Ngakho lokho kuthi akube ngendlela esifuna ngayo. Asifuni . . . Sifuna Yena abe nathi sonke. Ngakho, ngakho-ke, kukho konke, ukukwenza, sifanele nje siphumele lapho ngokukholwa futhi siMkholwe, yilokho kuphela, futhi nje sithembe. Singekuchaze. Ayikho indlela yokukuchaza. Siyakukholwa nje, futhi sikuthathe kanjalo.

69 Lensizwa ecebile, ayibanga nokuzinikela kuKristu, futhi ngakho yamuka. Futhi siyayithola, kamuva, ukuthi yayi . . . Yayiphumelele kakhulu kangangoba, kwaze kwathi izinqolobane zayo zagcwala kakhulu, yaze yathi, "Mphefumulo, phumula." O, yayiphumelele, yonk'into. Yayinokuningi kakhulu, yayingasweli lutho.

70 Kodwa ikhona into eyenzekile. Isikhathi esilandelayo siyibona, yona iphakamisa amehlo ayo isehayidese, ebone ompofu ekude le esifubeni sika-Abrahama. Lokho kwakungenxa yokuthi yayingavumi ukushiya konke, ukuba ilandele iNkosi uJesu.

71 Manje-ke, ngenkathi lokhu sekwenzekile, nombusi osemncane wayengakuyeki ayenakho, ukuba alandele uJesu,

kufanele ukuthi kwasa kuPetru. Ngikholwa ukuthi kwakunguye owaphawula, noma wabuza umbuzo, wawuphakamisa. Wayesethi, "Manje, sishiye konke, ukuba siKulandele. Sishiye konke. Buka ukuthi senzeni. Sishiye amakhaya ethu. Sishiye imindeni yethu. Sishiye amazwe ethu. Sishiye yonk'into ebesinayo, ukuba siKulandele."

72 Kuqala ukusa kuye. Mhlawumbe wayethatheke kakhulu emsebenzini, ebhekisisa uKristu, kanjalonjalo, ngangokuthi u . . . Kwakungakaze kuse kuye, ukuthi wayeshiye ikhaya lakhe. Wayeshiye umndeni wakhe. Wayeshiye uyise, unina. Wayeshiye konke ayenakho, ukuba alandele uJesu.

73 Kodwa yilokho impela uNkulunkulu akudingayo: sishiye konke futhi siMlandele. Leso yisidingakalo sikaNkulunkulu. Sifanele sikwenze nathi. Ngesinye isikhathi sifanele sishiye yona impela imicabango yethu. Uma imicabango yethu mayelana nanoma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu, sifanele sishiye ukucabanga kwethu uqobo futhi siMlandele. Nendlela kuphela esingaMlandela ngayo ngukulandela iZwi laKhe, siLilalele. Nesicelo sikaNkulunkulu nesidingakalo sikaNkulunkulu singukuthi sishiye konke futhi siMlandele.

74 Kodwa ekwenzeni kanjalo, siyathola, ngezinye izikhathi, sizofanele sishiye abangani bethu. Isikhathi esiningi lokho kuyinto el'khuni ukuyenza, manje, abantu abaningi, uma kuqala bengena kuKristu futhi bagcwaliswe ngoMoya. Mhlawumbe, njengabesifazane, ubenohlobo oluthize lwephathi abebeya kuyo, njalo ebusuku obuthize-thizeni, lapho kade bedlala khona umdlalo wokuwaka kwabakhelene nabo. Bejwayelene nabo bonke o—omakhelwane, kanjalonjalo, futhi bengabezinhlangano ezithize kwabakhelene nabo, futhi bayahamba, badlale umdlalo wokuwaka. Nalaba besifazane, niyazi, uzosho okuthize ngakho. Abazukukuqonda. Kodwa, nokho, uzofanele uyishiye leyonto, ngoba akulungile ukugembula, udlale amakhadi. Futhi uzofanele ukushiye lokho uma ulandela uKristu.

75 Ngezinye izikhathi abesifazane, emabandleni ethu, osejwayele ukugqoka izingubo ezingenasimilo, njengezikhindi, na—nalab'odangara. NeBhayibheli lathi, "Kuyisinengiso kuNkulunkulu, ukuba owesifazane agqoke okunjalo." Yena, akunandaba ukuthi ucabangani, uzofanele akushiye lokho. Ngezinye izikhathi sithola abesifazane, uma beza bangene eNdleleni futhi basindiswe, kade sebekwejwayele ukugunda izinwele zabo. Futhi bafuna ukuthandwa ngabantu njengalo lonke izwe. Kodwa bathola ukuthi, kuyinto el'khuni, ngoba bazonibiza ngefeshini endala, noma nini uma niyogqokisa okomKristu, niziphathise okomKristu, niphile njengomKristu. Bayonibiza ngefeshini endala, kodwa nizofanele nishiye konke, ukuba niMlandele.

76 UJesu wathi, noma umBhalo uthi, "Othanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuye." Kunjalo. Kuthatha, ukushiya konke.

77 Lapho, uma nivuma ukushiya konke futhi niMlandele, khona-ke, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, ningacela enikuthandayo futhi niyokwenzelwa khona." Kodwa, ningeke, nazi ukuthi lezozinto azilungile. Niyazi ukuthi azilungile.

78 IBhayibheli limelene nazo: ukudlala amakhadi, ukubhema osikilidi, ukuphuza, ukugqoka izingubo ezingenasimilo. Futhi, manje-ke, uzisho ukuthi ungumKristu. Uma lowomoya kuwe ungakugxeki lokho, khona-ke kukhona okungalungile ngomoya okuwe. Ngoba, uNkulunkulu Owaloba iZwi uyiZwi. NeZwi likuwe, futhi Liyakugxeka. Lifanele. Futhi uma lingakugxeki, uyadukiswa. Ungakwenza kanjani uMoya oNgcwele ukuba ulobe into ethize, bese wena ujika bese wenza okuphambene naWo, futhi uthi uMoya oNgcwele uyakuhola na? Ungeke wakwenza. Ngakho, ukubhema osikilidi, ukuphuza uwiski, ukudlala amakhadi, ukugunda izinwele, ukugqoka izikhindi, zonke lezi ezinye izinto, azilungile, okungalungile okunesono, futhi awusoze wafika ndawo uze ukuyeke.

79 Kungena ngesinyelela eminyakazweni yethu yamaPentecostal. Ngiyanidabukela. Nifanele nibe namahloni. Akumangalisi singeke saba nemvuselelo yomhlaba wonke. Akumangalisi singeke saba nemvuselelo yephentekoste. Ikhona into eyenzekile. Kunjalo. Siwise imigoqo, nezinto ziyenzeka ezingafanele zenzeke. Ngakho-ke nifanele nishiye konke, ukuba nilandele uKristu.

80 Nifanele nishiye eyenu uqobo, imiqondo yenu uqobo. Nifanele nibambisane neZwi laKhe. Futhi akasoze uMoya oNgcwele ake aze aphike noma yiliphi iZwi Ake alikhuluma. NeBhayibheli lilotshwa nguMoya oNgcwele. IBhayibheli lasho njalo. Futhi uma . . . AmaZwi eBhayibheli nguNkulunkulu. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu."

81 Manje iZwi lenziwa uMoya, lihlala kithi, "Ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe, ukuphelelisa." Manje, lowoNkulunkulu ofanayo owaloba iBhayibheli ukini. Anisibo abenu. Nifile ezintweni zezwe. Nifile emicabangweni yenu uqobo, nomqondo o . . . "Umqondo owawukuKristu mawube kini." Lapho, khona-ke nishiya konke, ukuba niMlandele. Hhayi imicabango yenu uqobo; Akushoyo. "Kungabi yintando yaMi; eyaKho, Nkosi." Khona-ke niqala ukuba semgqeni neZwi likaNkulunkulu.

Bengingahlala lapho isikhathi eside, kodwa nje ngizogijimela phambidlana.

82 "Kodwa," wena uthi, "ngitholani-ke, ngishiya konke na? Ngishiya konke, ngitholani na?"

83 Ningalilindela izwe ukuba lihlekise ngani. Ningalilindela izwe ukuba linibize ngazo zonke izinhlobo zamagama angahloniphekile. Bayonibiza nganoma yini abanganibiza ngayo. Niyodelelwa futhi nenqatshwe.

84 UJesu, ngenxa yaKhe enguEmanuweli, uNkulunkulu ehlala kuYe, kwaMenza waba yinqaba kabi ebandleni laKhe uqobo kwaze kwathi ibandla laKhe uqobo laMkhipha ebandleni Angangena nje. Kwaba yibo abaMphanyeka esiphambanweni. Kwaba yibo abaMlahla ngecala. Wayebathanda abantu. Yonke inhliziyo yaKhe yayingeyabantu. Kodwa Wadingeka ashiye yonk'into, ukuze alandele uNkulunkulu.

85 Futhi ngakho nathi sidingeka sishiye yonk'into, ukuze silandele uNkulunkulu.

"Manje, ngitholani okuyinzuzo na?" Asilindele.

86 Ngezinye izikhathi ngicabanga ukuthi thina befundisi sikwenza kube yizimbali eziningana kakhulu ko—kophendukile. "O, woza kuKristu, yonke'into iyathandeka." Kodwa, niyabo, akunjalo, ngendlela, ethi yonk'into ingumbhede onezimbali wentokomalo. Ngoba, akukho-mKristu . . .

87 IBhayibheli lathi, "Bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuhlushwa." Ngakho uma—uma ningahlushwa ngenxa kaKristu, khona-ke kukhona okungalungile.

88 Uma udeveli engekho emva kwakho, usekutholile. Yilokho kuphela, ngoba inqobo nje uma esemva kwakho, leso yisibonakaliso sokuthi akakakutholi namanje. Kodwa uma engekho emva kwakho, yisibonakaliso sokuthi usekutholile. Ya. Ngakho khumbulani nje, inqobo nje uma ekuqhumisa, unokugxumagxuma okumbalwa nje ngaphambi kwakhe namanje, futhi qhubeka nje uhamba.

89 "Kodwa bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuhlushwa." Wathi, "Jabulani, futhi nithokoze kakhulu impela, ngokuba kanjalo babahlupha abaprofethi ababengaphambi kwenu." Kunjalo.

90 Ningahambi nobuso obulengayo, futhi nithi, "Awu, bengingafanele ngikwenze. Ngiqagele, bona—bona, ngeke nje ngakumela ukuba umuntu akhulume ngami, futhi athi ngiyifeshini endala, ngiyi*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*."

91 O, ni—nifanele nithokoze kakhulu impela, jabulani ngenxa yakho, ngoba ningalithwala ihlazo leGama laKhe. Futhi ngokugcina imiyalelo yaKhe, kwanibangela ukuba nenze lokho.

92 Kodwa ngifuna ukusho lokhu, futhi. (Sijahe, ngokukhulu ukushesha esingakwenza.) UNkulunkulu akazuku, nhlobo, abe nesikweletu kunoma yimuphi umuntu. UNkulunkulu

akayikukweleta noma yimuphi umuntu. Uma ukwenzele uNkulunkulu lokho, washiya konke, uNkulunkulu uyophinde akukhokhele ngokuphindwe kazinkulungwane. Kunjalo. UNkulunkulu uyokuvuza. Ushiya izinto zezwe, nezwe, nezinto zezwe, noNkulunkulu uyokuvuza izikhathi eziningi kakhulu.

93 Bangaki ongufakazi walokho, lapha kulobubusuku na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, sonke siyazi ukuthi uNkulunkulu uyovuza.

Manje asithathe nje abalingiswa abambalwa abashiya konke.

94 Asithathe, kuqala, ubaba wokukholwa, uAbrahama. UAbrahama washiya izwe lakubo uqobo, impahla eyayingeyakhe, nayo yonke eny'into. Wabizwa aphume eKaledi, umuzi waseUre. Futhi washiya izwe lakubo, ikhaya lakubo, abantu bakubo, nakho konke, wayeselandela uNkulunkulu. Wadingeka ashiye yonk'into, ayishiye ngemuva. Washiya izwe lakubo—lakubo, impahla yakhe ezansi eKaledi, eUre. Ushiye impahla yakhe, noNkulunkulu wamnika lonke izwe elithenjisiwe. UNkulunkulu ubuyisa ngokukhokha nenqwaba yenzalo. Wamnika. Enhla lapho ngalolosuku, ngenkathi Ehlangana naye, Wathi, "Phakama, Abrahama. Buka empumalanga, enyakatho, entshonalanga, eningizimu. Ngikunika lonke. Elakho lonke."

95 Yileyo indaba ngamaKristu kulobubusuku. UNkulunkulu usinika lona, kodwa siyesaba ukulihlola. Uma uba ngumKristu, uyindlalifa kuzo zonke izithembiso eBhayibhelini. Kunjalo. Yonk'into uNkulunkulu ayethembisa, ngeyakho. Kufana nomhubhe omkhulukazi nje, futhi ngaMoya munye thina sonke sibhaphathizwe kulomhubhe, onguKristu. Awu, uma ngi . . . Uma umuntu mumbe enginika into ethize, ngizoqalaza bese ngithola ukuthi nginani.

96 Ngicabanga ukuthi yilokho amaKristu afanele akwenze kulobubusuku. Uthole ukuthi unani. Uma into ethize nje ithola ukuphakama iphezulu kancane, engingenakufinyelela kuyo, ngizozitholela isitebhisi bese ngikhwela ngiye kuyo. Futhi uma into ethize encane ibonakala ingafinyeleleki, eBhayibhelini, uNkulunkulu ayithembisile, ngizohlala emadolweni ami futhi ngikhwele esikhwelweni sikaJakobe ngize ngifinyelele kuyo, ngoba ngeyami. UNkulunkulu wanginika yona.

97 Uma ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kwethenjiswa eBhayibhelini, futhi ngiyagula, ngizohlala lapho uNkulunkulu aze anginike khona, ngoba yisithembiso. UNkulunkulu wethembisa ukuthi ngiyoshiya izwe, Unginika uMoya oNgcwele. Ngizohlala khona lapho Aze anginike Wona, ngoba WaWethembisa. Uma uNkulunkulu ethembisa ukunginika isifiso senhliziyo yami, nesifiso senhliziyo yami siyinto efanele, ngizohlala lapho uNkulunkulu aze asinikeze, ngoba

yisithembiso. Futhi ngilishiye lonke izwe. Ngifuna ukuhamba emva kwaKhe, futhi Uzokhokha. Ngikwazi kuyiqiniso lokho. Kunjalo impela.

98 Wenzani na? Washiya umhlaba wakubo, izwe lakubo. NoNkulunkulu umnika isifundazwe sonke, noma lonke, lonke izwekazi lase . . . lasePalastine. Washiya isiqeshanyana sakhe sezwe somhlaba ezansi lapho, mhlawumbe i eka lapho indlu yakhe yayikhona, nendlu yakhe endala, ukuba emukele yonk'into eyayikhona ePalastine. Kuhle.

99 Kodwa into yokuqala ayefanele ayenze ngukuzehlukanisa. Wazehlukanisa nabantu bakubo, bonke abathandekayo bakhe, abadala ayebambisana nabo ayevame uku—ukuhambahamba nabo, abangani bakhe basebufaneni abehla bevela eBabiloni, naye, nabo bonke abafowabo, odadewabo, nabo bonke babangani bakhe ayebazi, abakhe eyebambisana nabo. Ngenkathi uNkulunkulu embiza, Wathi, "Zahlukanise nezihlobo zakho. Suka kukho konke okwakho." Manje, lokho kwakul'khuni, kodwa wazehlukanisa nazo zonke izihlobo zakhe zomndeni. Ngani na? Ngoba zazingavumelani naye.

100 Wawungathini nje bona bevumelana na? Ikhehla lapha, lineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, linenkosikazi eneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, lithi, "Uyazi ukuthini? Ngihlangane noNkulunkulu phandle lapha futhi Wangitshela ukuthi ngangizoba ne—ne—nengane manje, ngoSara."

101 Ngani, bona, umngani walo ongudokotela, wayeyothi, "Ikhehla lisangene ikhanda." Kodwa wayesevele ebathengile ophini nengutshana embalabala, nayo yonke eny'into, eyilungiselela, ngoba wayazi wayezoba nayo. Kunjalo. Akukho lutho kukho. Ngani na? UNkulunkulu wayethembisa. Kunjalo. Futhi uma lesosigejane sabantu sasifuna ukumhleka futhi sicabanga ukuthi wayesangene ikhanda!

102 Bawenza onke amakholwa ngaleyondlela. Yonke iNzalo ka Abrahama inento efanayo. Kunjalo. Ngesinye isikhathi ibandla lakho liyoze likuxoshe ngisho. Amaklabhu enu, izindawo zenu—zenu enikuzo, izinhlanganyelo zenu kwenakhelene nabo, abenu enibambisene nabo. Ngezinye izikhathi isoka lakho noma intombi yakho iyokwala. Kodwa uNkulunkulu udinga wena ukuba ushiye konke, ukuba uMlandele. Ushiye yonk'into ephambene naYe, futhi uMlandele.

103 Manje, uAbrahama, eshiya abantu bakubo, watholani embuyiselweni yakho na? Yini efika ngaphandle kwalokho na? Uba ngubaba wezizwe eziningi. UNkulunkulu wamenza uyise wezizwe eziningi. Okuncane akuyekayo, manje-ke bukani ukuthi uba yini. UJesu wathi, "Oyoshiya . . . Mina, uyoba nobaba, nomama, kanjalonjalo." Bukani ukuthi uAbrahama watholani,

ngokushiya konke futhi eMlandela. Yebo, mnumzane. "Uyise wezizwe eziningi."

104 Kodwa, kuqala, wadingeka azehlukanise nakho konke ukungakholwa, futhi ngisho nakowakhe obandayo, osivivi, umfowabo oyilunga lebandla, uLoti. Wadingeka ashiye yena uqobo, ngenxa yalokho.

105 Yonk'into enokungakholwa kuyo, uzofanele uzehlukanise; noma yini, uma kuyisivumokholo, uma usebandleni, futhi konke othembele kukho yisivumokholo, futhi awulikholwa iZwi, futhi uma iZwi liphambene ne. . . Isivumokholo siphambene neZwi, uzofanele ukushiye lokho. Uzofanele ushiye yonk'into.

106 NoNkulunkulu akazange ambusise uAbrahama waze waMlalela ngokugcwele. UAbrahama wayefuna ukuthatha uyise ahambe naye, nekhehla lalingumbelebele, ngaso sonke isikhathi. Ekugcineni, lafa. Manje-ke, uLoti, kwakukhona umbango nayo yonke into. Futhi manje-ke wathi nje uAbrahama angamlalela ngokugcwele uNkulunkulu futhi wazehlukanisa, futhi wayekela uLoti aqhubekele ezansi lapho emazweni amahle, noma yikuphi lapho ayefuna ukuya khona, ezansi eSodoma, khona-ke uNkulunkulu wabonakala kuAbrahama, wayesethi, "Phakamisa amehlo akho. Nginikela yonk'into kuwe."

107 UAbrahama waba nguye owehlukanayo. Waba nguye owehlukanisa konke, ukuba alandele, ukuba alandele uNkulunkulu. Futhi unguyise wokuKholwa. Nguye esikholwa ukuthi ungothembekileyo. "Isithembiso senziwa kuAbrahama neNzalo yakhe. Thina esifile kuKristu siyinzalo ka-Abrahama, izindlalifa kanye naYe ngokwesithembiso."

108 UIsrayeli washiya iGibhithe. Bashiya amazwe amadala ezansi lapho eGibhithe. Ukwemukela ini? IPalastine. Bavela kuleyondawo esabekayo ezansi lapho eGibhithe, abacindezeli.

109 Futhi kunabantu abaningi namhlanje, izintombi phandle lapha emgwaqeni, zibhema, ziphuza, njengoba sibonile lapha e—emsakazweni, ngoluny'usuku. Lamaphoyisa adingeka eze futhi asibophe lesosigejane sezintombi ezansi lapho, phandle emgwaqeni, zadlebeleka nalowomoya omdala wedemoni, wangena kuwo ukuba enze lodum-dum omusha, noma into bayibiza ngokuthini, naphandle lapho emgwaqeni, sezihlanya engqondweni yazo. Niyabo? Ngempela, uma inenekazi eliselincane line awunsi yobuqotho ngalo, lona noma insizwa, omunye wabo, leyonto ingumcindezeli obafuqela ekwenzeni lokho.

110 Uyakushiya lokho, noNkulunkulu uzokunika ukusina. O, he! Impela Uzokunika. Uzokunika okukodwa, uma nje uzokushiya lokho. Kodwa uzofanele uzishiye zonke lezozinto, ukuba ube nakho. Ungeke nje waqhubeka nakho kokubili.

111 Wathola iPalastine, uAbrahama wayithola, noma uIsrayeli wayithola. Wathola iPalastine ibe yizwe. Bashiya izwe elidala ezansi lapho, base bethola iPalastine, izwe elichichima ubisi nezinyosi. Yebo, mnumzane.

112 Bashiyani na? Bashiya ilanga elishisayo, phansi komcindezeli ezansi eGibhithe. Batholani, ngokushiya lokho kukhanya kwelanga okufudumele ezansi lapho na? Bathola ukuthi bahambe ekuKhanyeni kweNsika yoMlilo. Beshiya lelolanga elishisayo ezansi lapho, ukuba bahambe ekuKhanyeni kweNsika yoMlilo kaNkulunkulu. Ukushintshiselana okunje pho! Ngangingathanda ukuthatha lokho kushintshiselana. Naningeke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] INsika yoMlilo. Bahamba ekukhanyeni kwelanga kwemvelo, lapho ababeqhuba khona phansi kwabacindezeli; ukuba baphume lapho futhi bahambe ekuKhanyeni kukaNkulunkulu, phansi kwamandla kaMoya oNgcwele, iNsika yoMlilo eyayibaholela ezweni elithenjisiwe.

113 Into efanayo namhlanje. Phumani ekukhanyeni kwalelizwe, izinto engeyezwe, ukuba nihambe ekuKhanyeni kukaNkulunkulu. Kuniholela ezweni elithenjisiwe.

114 Bashiya futhi amabhodwe amadala kagaliga aseGibhithe, amabhodwe enyama ezansi eGibhithe. Batholani ngenkathi beshiya lawomabhodwe enyama amadala na? Bathola ukuthi badle ukudla kweziNgelosi. Imana yehla ivela ezulwini, ukuthatha indawo kagaliga.

115 Manje, uma ningakaze nidle lutho kodwa ugaliga, ake nginitshele okuthize, uNkulunkulu uneZulu eligcwele ukuDla kweziNgelosi, ukunondla. Kunjalo.

116 Ukudla kweziNgelosi, yilokho abakuthola esikhundleni salokho, esikhundleni sikagaliga omdala waseGibhithe.

117 Bashiya amanzi anodaka aseGibhithe. Batholani phandle lapho na? Ukuba baphuze eDwaleni elashaywa ehlane, lamanzi acwebile asangilazi kaNkulunkulu. Bashiya amanzi amadala anodaka aseGibhithe, amanzi anodaka amadala aphendukezelwe ehlelo.

118 Yileyondlela esidingeka senze ngayo ngesinye isikhathi namhlanje. Sishiye lesosivumokholo esidala nehlelo, lithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Labobafo bayahlanya. Bayisigejane sabagingqiki abangcwele nje." Shiyani ngemuva leyonto, bese niza ngapha futhi niphuze eMthonjeni ogcwaliswe nge...elimuncwe emithanjeni kaEmanuweli, lapho izoni zabhukuda ngaphansi kwethantala lamanzi zisuse lonke ibala lazo elinecala. Yebo, mnumzane.

119 Shiyani lawomanzi amadala odaka, onke exutshwe nokungabaza, nezingxaki, nezimpikiswano, nokukhathazeka, nayo yonke eny'into, futhi nehle ngesikhathi sasebusuku futhi nibe nesapha lesobho, futhi nibilise enye inkukhu

endala futhi niyithengise ngofifti sente, ipleyti, ukuba nikhokhele umshumayeli. Kanti, ukuba beningeza ngapha phansi kwemithetho kaNkulunkulu, nemiyalelo engcwele kaNkulunkulu, futhi nihambe noNkulunkulu, niyokhokha izishumi zenu, nomshumayeli uzohamba kahle, uma nje nizothatha indlela kaNkulunkulu yokukwenza. Kunjalo. Amanzi amaningi amadala anodaka; ukuba niphuze eDwaleni.

120 Behlisa bashiya lezozinyanga eziqhoshayo zaseGibhithe, zithi, "Singamadoda ahlakaniphe kunawo onke ezweni namhlanje." Bashiya izinyanga eziqhoshayo, ukuba babe neNyanga eNkulu. Amen. Ngingathanda ukubona enye inyanga namhlanje iqhubeka njengoba kwenza leyoNyanga enkulu. Labobantu wayesehlane iminyaka engamashumi amane, futhi baphuma bengenaye noyedwa obuthakathaka phakathi-phakathi kwabo. Kwakungekho-muntu obuthakathaka phakathi kwabo, iminyaka engamashumi amane. Kwakunezigidi ezingaphezu kwezimbili zabantu eziphuma ngalesosikhathi. Zingaki izingane ezizalwa njalo ebusuku na? Bangaki abagulayo na? Futhi benza . . .

121 Ngingathanda ukuya kuDr. Mose, futhi ngibuke kujosaka wakhe, futhi ngibone ukuthi hlobo luni lwesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo abanika sona. Ningethande ukubona leso na? Ngibona sengathi kunenqwaba yodokotela engathanda ukubuka phakathi phezu kwalesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Awu, nginganitshela. Ngisifundile. Niyafuna nginitshele ukuthi siyini na? "NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zenu." Yileso kuphela ayenaso. Yileso kuphela ayesidinga, ngokuba bashiya izinyanga eziqhoshayo, ukuba babe neNyanga eNkulu. Yebo, mnumzane.

122 Bashiya ezansi lapho, abantu abathi, "Izinsuku zezimangaliso sezedlule. Ayikho into ethiwa yizimangaliso, azisekho." Bakushiya lokho, ukuba benzeni na? Benzanike na? Ukuba babe sebukhoneni ngqo balapho izimangaliso zazizokwenzeka khona, usuku nosuku. Amen.

123 Abantu namhlanje othi ayikho into ethiwa yisimangaliso, kukhona okungalungile engqondweni yabo. Kunjalo.

124 Umuntu wangitshela, ngesinye isikhathi, wathi, "Ngingebenandaba ukuthi wenzeni. Angibanga nandaba. Ngingebe nayo, ukuthi unobufakazi obungakanani," wathi, "Angikukholwa nje."

125 Ngathi, "Impela awukukholwa. Ubungeke uze ukubone. Uphuphutheke kakhulu nje ukuba ukubone." Kunjalo. Ngathi, "Akusikho okwabangakholwayo. Kungokwabakholwayo. Abakholwayo bayakubona." Kunjalo.

126 Umfo wathi kimi, ngesinye isikhathi, wahlangana nami emgwaqeni, wathi, "Unephutha eMfundisweni yakho."

Ngathi, "YiBhayibheli."

127 Wathi, "Unephutha." Wathi, "Manje-ke, ngimelene nawe." Wathi, manje-ke, "Ngishaye ngibe yimpumputhe. UPawulu washaya indoda yaba yimpumputhe ngesinye isikhathi." Wathi, "Ngishaye ngibe yimpumputhe."

128 Ngathi, "Ngi—ngi—ngingeke ngakwenza. Usuvele uyimpumputhe. Ya. U . . . Ngingakwenza kanjani lokho uyihlo, udeveli, asevele ekwenzile na?" Kunjalo. "Usuvele uyimpumputhe." Indoda esho into enjengaleyo, i—iphuphutheke kakhulu, ayiyazi imini ebumnyameni. Ayikwazi ukwehlukanisa phakathi kokubili, ukuPhila noma ukufa. Lokho ngukuba yimpumputhe ngempela. Yebo, mnumzane. Yebo.

129 INyanga enkulu yayinabo, futhi babone izimangaliso zenzeka. Impela.

130 Abafundi, bashiyani na? Babenamanetha, amanetha ezinhlanzi. Bashiya amanetha abo ezinhlanzi, ukuba bahambe naYe, futhi babone izibonakaliso zaKhe, nezimangaliso, namandla aKhe, okuba nguMesiya. Noma ubani ongayikuyeka ukudoba kosuku, ukuba alandele lokho, kukhona okungalungile. Bashiya amanetha abo, egcwele izinhlanzi. Baqala ukudonsa, futhi baba nokubamba okukhulu kunakho konke abake babanakho. Futhi bashiya konke nokuncu kwakho, ukuba baMlandele, ngoba bakholwa enhliziyweni yabo ukuthi WayenguMesiya. Futhi babefuna ukuMlandela, ukubona ukuthi ngabe izibonakaliso zaziyoMlandela yini njengoMesiya. Futhi bathola ukusibona.

131 Ngingashiya noma yini ezweni, anginandaba ukuthi kuyini, ukuba ngibone uJesu Kristu Ezibonakalisa, ikakhulukazi uma kubonakaliswa empilweni yami, ukuthi ngiyazi ukuthi ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni, futhi ngiyazi ukuthi UnguMesiya. Ngiyazi, ngokuMthatha eZwini laKhe, ukuthi Ungisindisile empilweni yesono. Futhi ngiyazi ukuthi uMoya oNgcwele uhlala phakathi kwami. Ngibona izibonakaliso zaKhe, ndawo zonke, zikukhomba. Ngiyazi ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngishiya konke, ngiyavuma ukushiya noma yini.

132 Ngangingowenhlangano enhle, ibandla elihle, elinye elihle kunawo onke elikhona ezweni. Kodwa bathi, "Billy, uzolahlekelwa yingqondo yakho futhi ube ngumgingqiki ongcwele."

133 Khona lapho, ngathi, "Ungavele nje uthathe ikhadi lami lenhlanganyelo khona manje, ngoba ngizolandela uMoya oNgcwele." Kunjalo. Qiniso.

134 Futhi uzofanele ushiye yonk'into, kunjalo, ukuba uMlandele. Kodwa lowo oyoshiya konke, futhi aMlandele, uNkulunkulu ukhokhela ngezibusiso eziphiwanayo zokuceba. Akukho lutho lokuqhathaniswa nakho. Kulungile.

135 Manje, abafundi bashiye amanetha abo, namanetha ezinhlanzi agcwele izinhlanzi, umsebenzi wabo. Bashiye umsebenzi wabo, ukuba balandele iNkosi uJesu, ukubona amandla aKhe, babone isibonakaliso. Lawomadoda ayengamadoda aqeqeshiwe. Ayazi ukuthi uMesiya wayefanele ukwenzani. Ayefundile, emuva eBhayibhelini. Aqonda nje ukuthi uMesiya wayezokwenzani. Ayazi ukuthi kwase kuyisikhathi sakho ukuba kwenzeke. Futhi ngenkathi ebone leNdoda ivuka enkundleni, Eyenela isithombe, khona-ke ayeselungele ukushiya yonk'into, ukulalela lokho Eyayizokusho. Isizathu, uma kwakunguMesiya, khona-ke kwakungukuPhila kwawo, ngoba ayekade emenyelwe ukuba aMlandele. Ngakho ashiye yonk'into.

136 Kunjalo nanamhlanje, uma *Lokhu* kuqinisile, uma loMlayezo wombhaphathizo kaMoya oNgcwele ngalezizinsuku zokugcina, lapho Athi khona Uyothulula yombili imvula yokuqala neyamuva phezu kwethu. Uma lezizinto ziqinisile, Ufanele ukuba nishiye yonk'into. NiWulandele.

137 UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Nophila akholwe yiMi akasoze afa. Okholwa kiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Qiniso.

138 "Hambani niye ezweni lonke, kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka. Baphuza okubulalayo, akuyikuba nangozi. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Yilokho Akushoyo.

139 "Njengalokhu uBaba eNgithumile, nami Ngiyanithuma." UBaba owathuma iNdodana, wahamba neNdodana, futhi wayeseNdodaneni. UJesu othuma indoda, uhamba nayo, futhi ukuyo, ukugcina nokwenza imisebenzi efanayo. "Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube ngisho nasekupheleni kwezwe. Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

140 Mfowethu, uma lokho kungengcono kunezivumokholo ezindala nezinto zezwe, futhi ungowokunye okuthize lapho okuphika konke Lokho! Ngani, ngicabanga ukuthi sifanele ukuba ngabantu abajabule kunabo bonke ezweni, ukubona uNkulunkulu ophilayo ehamba esizungeza kanje; azi ukuthi sishiye konke, ukuba siMlandele. Amen. Lokho kungenza ngizizwe ngigcwala ukholo. Ngishiya konke, ukuba ngilandele iNkosi uJesu. Kuyafana namuhla, ufanele ushiye konke. Njengoba benza nje emuva lapho, uzofanele ukwenze, nawe.

141 Manje, nikhuluma ngomuntu mumbe eshiya into ethize, ake sibuke ini, ngoJesu, uJesu washiyela thina. UJesu wadela yonk'into. Wayenekhaya eZulwini. Futhi Wadela ikhaya laKhe eZulwini, wayeseza emhlabeni, futhi wayengenayo ngisho

nendawo yokucamelisa ikhanda laKhe. Kunjalo. Wehla kakhulu, waze Akanga . . . waba mpofu kakhulu, waze Akangabi nawo ngisho nombhede wokuba alale kuwo. Wathi, "Izimpungushe inemigodi, nezinyoni inezulu . . . yezulu, inezidleke, kodwa iNdodana yomuntu ayinayo ngisho nendawo yokucamelisa ikhanda laYo." Niyabo? Kodwa Yatholani ngalokho na? Yathola ukuphakanyiswa kakhulu ize Idingeke ibuke phansi ukuba ibuke izulu.

142 Yeza ezweni, yathatha igama eliphansi kunawo onke elalingathathwa ezweni. Yayinegama eliphansi kunawo onke, yathatha igama eliphansi kunawo onke, yabizwa ngoBelzabule. UBelzabule yi . . . Ngenkathi beYibone yehlulela omoya lapho kanjalo, bathi, "Ingumbhuli. InguBelzabule, idemoni." Ukubhula kuyidemoni. Futhi baYibiza ngedemoni, eliphansi kunawo onke. Yayinegama eliphansi kunawo onke.

143 Yaya emzini ophansi kunayo yonke. Nendoda encane kunawo onke emzini yabuka phansi ingaphezu kwaYo; uZakewu, ku—kunjalo, eJeriko. Ezansi le, impela wakwenza. Yayinegama eliphansi kunawo onke elalikhona emhlabeni. Yafika ezweni nokuthi "ozalwe ngaphandle komshado," baYibiza kanjalo, ngoba bakholwa ngempela ukuthi iNgane yazalwa ngaphandle komshado ongcwele. Yayinalokho ukuba ilwe nakho, kwasekuqaleni nje. Base-ke bebiza igama likaBelzabule, eliphansi kunawo onke elalingatholwa. Ishiye indawo yaYo yasezulwini, futhi yezela ukuthatha lokho.

144 Kodwa uNkulunkulu waYinika iGama eliphezu kwamagama onke elibizwa eZulwini, onke amagama abizwa emhlabeni, kuze kuthi wonk'umndeni eZulwini nasemhlabeni ubizwa ngeNkosi uJesu. Haleluya! Yilokho-ke. Washiya; Wavuzwa. Impela, Wavuzwa. Kulungile.

145 Weza emhlabeni, uMdali wamazulu nomhlaba, futhi Wayengenalutho azoludla. USathane waMlinga, ezilela thina ukudla, kodwa Wemukela ukudla abanye ababengazi lutho ngakho.

Ngoluny'usuku Washo njalo. "Nginokudla."

Bathi, "Awuzi ngani, udle na?"

146 Wathi, "NginoKudla eningazi lutho ngakho." Kunjalo. WayenoKudla ababengazi lutho ngakho.

147 Lapha emhlabeni, Wayengenampheme, basho, kungekhondawo, kungekho-ndlu, kungekho lutho olungolwaKhe. Kodwa niyazi ukuthini? Waba nguMpheme wethu sonke. UNkulunkulu waMenza uMpheme, waso sonke isintu. Wayengenampheme ongowaKhe, kodwa UnguMpheme wethu.

148 Kade bekhuluma kakhulu impela ngemipheme yemisalela yezinhlayiya zokuqhuma kwenunzi. O, he! Sinawo owodwa. Kunjalo. Imipheme yemisalela yezinhlayiya zokuqhuma

kwenunzi, lungene komunye umgodi emhlabathini. Futhi bayangitshela, "Lawomabhomu ayoshaya futhi aqhumise imbobo emhlabathini, amafidi ayikhulu namashumi amahlanu ukujula, isikwele esingamamayela ayikhulu nento." Ngani, bekungephula onke amathambo kuwe, uma ubunguhhafu wemayela ukujula emhlabathini. Impela, bekunganjalo, nomaphi. Kodwa sinoMpheme. UKristu unguMpheme wethu. Amen.

149 Njengoba ngasho ngobunye ubusuku, babekade, iRashiya kade iqhosha ukuqhosha kwabo okukhulu, isimo, "Sabeka indoda emkhathini, kuqala."

150 Ngiyehluka kulokho. Sibe naye Oyedwa emkhathini eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili. Amen. Kunjalo. Yebo, mnumzane. UMkhulumeli, yebo, mnumzane, ohamba angene eZulwini, futhi abuye, phakathi njengokwehlukana komzuzwana nje. Impela. SineNdoda emkhathini. Abanalutho. Yebo, mnumzane. Kunjalo. Kulungile. Sithola ukuthi Wayengena . . . Wadingeka abe nguMpheme wethu sonke.

151 Wadela ubuDodana bakhe, phakathi kwaKhe noBaba, ukuba enziwe isono ngenxa yethu. Benikwazi lokho na? "Wayengazi-sono; waba yisono ngenxa yethu. Izono zethu sabekwa phezu kwaKhe." Wadela ubuDodana, ukuba abe yisono, manje Angenza izoni zibe amadodana. Amen. Leyo yingxenye enhle, athathe izoni futhi enze amadodana. Nxa Edela ubuDodana bakhe, ukuba abe yisono, manje Uthatha izoni futhi enze amadodana ngazo. Amen. Inhlanhla enje pho! Yebo, mnumzane.

152 UNkulunkulu angethengwe ngenani eliphansi kunoma yini. Qhabo, mnumzane. Ungeke wakwenza lokhu, ngoba uNkulunkulu uyakuqaphela. INdodana yaKhe yaba ngumnikelo wesono, ukuze Ikwazi ukuthenga manje, ithathe izoni futhi yenze amadodana kaNkulunkulu ngazo. Into enhle kanje lokho okuyiyo. Ya!

153 Manje, yebo, mnumzane, Wa—Wanikela ngamandla aKhe. Waba buthakathaka, ukuze Abe ngamandla ethu. UngaMandla ethu enele konke. Asidingi amanye amandla kodwa amandla eNkosi uJesu. "UngaMandla ami usuku nosuku. Ngaphandle kwaKhe ngingawa," kwasho imbongi. Kumangalisa kanjani!

154 Okushiyayo; okwemukelayo, ngalokho owawulokhu ukushiya! He! Shiya izwe. Shiya imibono yakho uqobo. Shiya izingabazo zakho. Shiya izingxaki zakho. Kushiye, futhi uMemukele. Mkholwe.

155 Uthi, "Manje, kunjalo na? Ngabe izinsuku zezimangaliso sezedlule na?" Shiya lolohlobo lombono. Kukholwe.

156 Omunye wathi, "Ngabe uJesu ngempela ungumPhilisi, noma ngabe lokhu nje yi—yisigejane sabasetshenzwa engqondweni lababantu abanakho na?" Nje ushiye lowomcabango, kanye.

157 "Manje, wazi kanjani ukuthi ngabe kuzoba ngokuqinisileyo noma qha na?" Yisithembiso. Wazi kanjalo-ke.

158 Uthi, "O, ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele wawungowabantu emuva le, kudala, owabafundi nje kuphela." O, ngeke kwabanjalo. Manje-ke, uma wenza, iBhayibheli liyaziphikisa.

159 UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, nibhaphathizwe yilowo nalowo eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, esabantwana benu, nesabo okude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Khona-ke yisithembiso sikaNkulunkulu, ukuthi singakwenza, abaningi uNkulunkulu ababizela kuMoya oNgcwele, unelungelo lokuza. Shiya imibono yakho nje ngaWo, bese uthatha iZwi likaNkulunkulu elizimisele lakho.

160 Uthi, "Ikhona into enjalo, ukuthi abantu bangakhuluma ngezilimi, noma kungukuthi nje ngobunye ubuwula, noma okunye ukubhibhidla abakwenzile na?" Shiya umbono ongowakho nje.

161 UJesu washo lokhu, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha." IBhayibheli lasho njalo. Yebo, mnumzane.

162 "Mfowethu, ngabe lezizibonakaliso engizibonayo e—emihlanganweni, kungaba nguNkulunkulu lowo na?" Impela, kungaba nguye. "Awu, ngibone abantu ababephila noma yiluphi uhlobo lwempilo, futhi bahamba futhi bakhulekela abagulayo, futhi basinda. Ngi . . . "

163 UJesu wathi, "Akukho-muntu ongenza isimangaliso ngeGama laMi, ongathi masinya nje akhulume kalula ngaMi." Kunjalo.

164 Uma indoda inephutha, ithatha isiphiwo sikaNkulunkulu futhi yenza okungalungile, uNkulunkulu uzosebenzana nayo. Kodwa nguNkulunkulu, ngokufanayo nje. Impela, nguye. Ngoba ingumzenzisi, bekufanele kukwenze ukhanye kahle. Ungeke waba ne . . . Indlela kuphela ongaba nelangempela . . . I—idola-mbumbulu, lizofanele lenziwe lisuselwa kwelangempela.

165 Futhi wonk'umuntu uthi, "Angiyi esontweni. Angifuni ukuya esontweni. Kunabaningi kakhulu abazenzisi." Ngani, umncane kunoma benjalo. Uzama ukucasha emva kwabo. Uma ungathola ukuba semva kwabo, umncane kunabo. Kunjalo.

166 Ngafunda indatshana encane ephepheni ngoluny'usuku, lapho ikhehla . . . Laliyikho kanyekanye liyisithulu, isimungulu, futhi liyimpumputhe, futhi laliya kuSonto sikole njalo ngeSonto. Futhi balibuza, ngomshini wokubhala wabangaboni, bathi, "Uyelani esontweni na? Ungeke wakuzwa okushiwo

ngumshumayeli. Ungeke wezwa nalinye lamaculo. Uyelani esontweni na?"

167 Lase lithi, "Ngifuna nje ukwazisa wonk'umuntu ukuthi ngingakuliphi icala." Lifuna nje ukwazisa udeveli nawo wonke omunye umuntu bazi ukuthi lalingakuliphi icala. Ngicabanga ukuthi lokho kuhle. Yebo, mnumzane.

168 Yini enye uJesu ayenza na? Wanikela futhi washiya ukuPhila kwaKhe uqobo. Wanikela ngokuPhila kwaKhe, ukuba asindise okwenu nokwami. Ngenxa yokuthi Wa—yokuthi Wanikela ngokuphila kwaKhe . . . Akadingekanga ukuba akubeke phansi. Wakwenza ngokuzithandela. Wayengadingekile ukuba akwenze, kodwa Ukwenze ngokuzithandela, ngoba Wayenganisindisa. Futhi manje Nguye kuphela onganisindisa. Akukho okunye okunganisindisa.

169 Ngiyazi kunehlelo elithi ibandla labo liyakusindisa. "Usindiswa yibandla."

170 Usindiswa nguJesu Kristu kungenjalo ulahlekile. Yebo, mnumzane. Akukho ongakwenza, ayikho neyodwa into ongayenza, ukuphela ukuphenduka esonweni sakho. UJesu Kristu unguMsindisi. Yebo, mnumzane. Wanikela, Wanikela ngokuphila kwaKhe ngenxa yakho.

171 Manje, ngicabanga lokho, namhlanje . . . Sisavala, singahle sisho lokhu. Ukuthi, kusifanele, ke, ukuba sinikele ngokuphila kwethu nokwethu konke, futhi sishiye yonk'into engeyezwe, yonk'into engukungamesabi uNkulunkulu, konke okokungakholwa kwethu, nayo yonk'into, ukuba sithole ukuMlandela njengoba kwenza labobafundi. Ningethande ukwenza lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NiMlandele, nenzeleni na? Ukubona izibonakaliso zaKhe ezinkulu zokuFika kwaKhe.

172 Manje, khumbulani, iBhayibheli liyethembisa, ukuthi, ngalolu izinsuku zokugcina, ekuvaleni kwesikhathi nje, kuzoba ngokunye ukuKhanya komKristu okuvelayo. "Imvula yokuqala neyakamuva izofika," kanyekanye. Umprofethi wathi, "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. Kuyoba nosuku olungebizwe ngemini noma ubusuku."

173 Hlobo luni losuku lolo na? Oluthi ukuba nemvula, olulufifi, usuku olukhwantabele. Ilanga liyakhanya nje, impela, le ngaphezu kwezinkungu namafu kunelanga elikhanyayo. Nangalokho, yonke leyonkungu, nokho liyakhanya, ngakho ungahamba, ubone ukuthi ungahambahamba kanjani.

174 Yilokho ebesinakho iminyaka ngeminyaka, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Niyabo? Sihambe ngokukholwa, futhi sicabange ukuthi, "Awu, lokho kulungile. Ehhe. Siyakholwa, futhi sijoyina ibandla, futhi sifaka igama lethu encwadini. Futhi lokho kulungile. Siyakholwa. Asiziboni lezizinto njengoba Enza emuva ngalezozinsuku, emuva

le." Bathi, "Konke lokho akusekho. Kusemuva." Futhi bekungaleyondlela a—amakhulu ngamakhulu ngamakhulu eminyaka, usuku olukhwantabele nje.

Kodwa Wathi, "Ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ngukuKhanya."

175 Manje, ilanga elifanayo eliphuma eMpumalanga liyilanga elifanayo elishona eNtshonalanga. UJesu ofanayo owa... wathulula uMoya waKhe eMpumalanga, phezu kwalabobantu, unguJesu ofanayo okulolu izinsuku zokugcina, ethulula uMoya waKhe. Uphezu kwabantu baseNtshonalanga. Wakwethembisa.

176 Wenza isithembiso. Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

177 Ukuthi uNkulunkulu Wazibonakalisa kanjani emzimbeni womuntu, wahlala lapho futhi udla noAbrahama, Efulathele ithende, futhi watshela uSara ukuthi wayecabangani, ethendeni. Watshela uAbrahama ukuthi igama laKhe lalingubani, nokuthi igama likaSara lalingubani, nokuthi Wayezobavakashela kanjani. NoSara akakukholwanga, futhi wahleka, ethendeni. NeNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Ethendeni, emva kweNdoda.

178 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka ngalowomuhla, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

179 Njengoba bengihlale ngisho kaningi, ngishilo ebusuku izolo, ngifuna ukukucaphuna futhi. Kuhlala njalo kunezigaba ezintathu zabantu, sonke isikhathi, njengoHamu, uShemi, nabantu bakaJafete, amadodana amathathu kaNowa. Kwehle njalo, kune—kunezigaba ezintathu zabantu. Manje sibenza izigaba kanje: ongakholwa, umzenzisi, nekholwa. Manje yileyondlela okulinganisana ngayo. Kwenza into efanayo lapho. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo kulokhu."

180 UAbrahama, owayeshiye konke, ukuba alandele, manje nakhu, kwehle ngqo. Wayebambe lesosithembiso iminyaka ngeminyaka, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. Nangu, eseneminyaka eyikhulu ubudala manje. Futhi usenhla lapha emadlelweni. Umhlambi wakhe uya ngokonda, futhi akukhomanzi. Futhi, uLoti, ephila ntofontofo ezansi lapho nazo zonke izinto ayezifuna. Futhi nangu uSara wayelapha, owake waba ngowesifazane omuhle kunabo bonke ezweni, futhi, nangu lapha manje, uthe ukukhandleka.

181 Futhi mhlawumbe uNkk. Loti wayenalokhu okusha ukwenza izinwele okuyizinkimbinkimbi ngaleyonkathi, niyazi, nazo zonke lezizinto. Wayephila ntofontofo nje ezansi lapho. Wayengumkameya, futhi wayesonta ebandleni elaliyibandla elikhulu. Yebo, mnumzane. Futhi akungabazeki wayenakho konke okwezinhlangano zakhe. Wayengafuni ukuba aze akuphile, akushiye, waze wayelokhu ngisho ebheka emuva.

Futhi wayephenduke insika kasawoti ngoba wayekade ethanda izwe kangcono kunoma wayethanda ukulalela lelophimbo leNgelosi.

182 Manje qaphelani izigaba ezintathu. Abangakholwayo, abaseSodoma, abaphakathi nendawo nje, amalunga ebandla elisivivi, kwakunguLoti. Kodwa abakhethiwe, ibandla elibizelwe ngaphandle kwakunguAbrahama neqembu lakhe. Ngenkathi, leziziNgelosi, Zeza kuphi na? KuAbrahama neqembu lakhe. Kunjalo. Zehla, ezimbili zazo zehlela lapho, njengabavangeli besimodeni.

183 Sinabavangeli abakhulu o—oya ebandleni elingokwehlelo namhlanje. Enye yamadoda amakhulu kunawo onke ezweni, esazi ngayo, nguBilly Graham. Futhi uliqhumisa ngempela iVangeli kulabobantu phandle lapho, ebabizela ngaphandle, “Phumani eSodoma.”

184 Asidingi ukuba simpompoloze “Phumani eSodoma,” niye kuleliBandla. Belifanele libe ngaphandle, vele. Uma libizwa nguMoya oNgcwele, selivele lilishiyile iSodoma, kudala. Kunjalo. Lilishiyile iSodoma. Liphila ngaphandle lapha, ngesingaLo uqobo, impela, lehlukaniswa. Lona impela igama *ibandla* lisho ukuthi “ababizelwe ngaphandle, behlukaniswa.” Futhi uma wehlukanile, okwakho . . .

185 “Phumani phakathi kwabo. Ningathinti okungcolileyo kwabo.” Uma ningakakwenzi lokho, nisezansi eSodoma; uyilunga lebandla, elisivivi. Khona-ke ubufanele uzehlukanise, futhi udede ezintweni zezwe, futhi uphume, futhi uphile ngokuhlanzeka futhi ube ngcwele, uhambe emiyalelweni kaNkulunkulu.

186 Khumbulani, ezimbili zalezoziNgelosi zehlela lapho. Azenzanga izimangaliso eziningi. Sinye kuphela isimangaliso ezasenzayo, kwakungukushaya abantu ngobumpumputhe ngenkathi befika kuzo.

187 Awu, kwenza lokho impela-ke ukushunyayelwa kweZwi, kushaya abantu ngobumpumputhe. Nalababavangeli abakhulu namuhla, esazi ngabo, abaningi babo bavakasha ePhoenix lapha. Na—nabavangeli abakhulu base . . . ophumele enkundleni, abenzi izimangaliso kanjalonjalo, kodwa ngokoqobo baphuphuthekisa labo abangakholwayo, labo baseSodoma, ngokushumayela iZwi, ukuthi, “UJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu.”

188 Kodwa, manje-ke, nanti iBandla lokomoya; hhayi ibandla lokwemvelo, namSodoma. Kodwa iBandla lokomoya, elikholwa kuNkulunkulu, kade livakashelwa nguNkulunkulu, njengoba wayenjalo uAbrahama, kwehle njalo. UAbrahama ungumfanekiso ophelele weNzalo ka-Abrahama emva kwakhe, eBandleni, “Abantu bekwabeZizwe, beGama laKhe,” iNzalo yobukhosi, njengoba ngashumayela ngeSonto. Niyabo? Manje,

leliBandla, Libizelwa ngaphandle, lehlukaniswa, lashiya yonk'into yezwe, liyaphuma, ukuba lihambe noMoya oNgcwele, njengoba kwenza uAbrahama.

189 Sizibone zonke izinhlobo zezinto, njengoba kwenza uAbrahama, eza. Kodwa sasiyini lesosibonakaliso sokugcina asibona ngaphambi kokuphela kohambo na? Sasiyini isibonakaliso sokugcina ngaphambi kokuba indodana ebhekiweyo ifike enkundleni na? UAbrahama wayebheke indodana. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] SiyiNzalo ka-Abrahama na? ["Amen."] Khona-ke sibheke iNdodana, iNdodana ethenjisiweyo, iNdodana kaNkulunkulu.

190 NoAbrahama ubone imisebenzi eyimfihlakalo kaNkulunkulu ngenkathi Embiza, kulokho kuKhanya okuncane ngalesosikhathi, nomhlatshelo, futhi waqinisa isivumelwano kuye. Futhi izikhathi eziningi Wahlangana naye ngezindlela eziningi ezehlukeneyo. Kodwa isibonakaliso sokugcina Asikhombisa uAbrahama, kwakungenkathi Efika, ebonakaliswe enyameni, futhi wahlala Efulathele ithende, futhi watshela uSara.

191 UAbrahama akungabazeki wakholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu. Abanye abantu abakholwa ukuthi kwakunguye. Kodwa, lokho, iBhayibheli lathi kwakunguNkulunkulu. UAbrahama wathi Kwakunguye. WaMbiza ngo, "Elohim." UElohim nguMdali omkhulu wamazulu nomhlaba.

192 Manje, Wazenza Yena uqobo, inyama, kube yisibonakaliso, ukuthi ngezinsuku zokugcina. Niyababona abaseSodoma, ongakholwayo na? Niyalibona ilunga lebandla na? Manje bhekisisani oKhethiwe, obizelwe ngaphandle. Futhi kulona oKhethiwe, Uzibonakalisa Yena uqobo ngamandla kaMoya oNgcwele, enyameni yomuntu. Amen. Aniboni ukuthi nguMesiya na? UNkulunkulu, uKristu, emelwe eBandleni laKhe; iBandla lenza ukuPhila okufanayo, liphila ukuphila okufanayo, lenza izibonakaliso ezifanayo. "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza."

193 Uma umoya we—wesigebengu ubukimi, bengiyoba nezibhamu kimi. Uma umoya womdwebi ubukimi, bengingadweba isithombe somdwebi, futhi ngikwaziukwenza. Uma umoya kamakhenika ubukimi, bengiyokutshela ukuthi yini ebingalungile emotweni yakho. Uyabo?

194 Futhi uma uMoya kaJesu Kristu ukimi, ngiyokwenza imisebenzi kaKristu, ngoba ngukuPhila kukaKristu kuwe. Niyabo? Kubonakaliswa kuBani na? Kwabonakalisa Bani na? Uba . . . Ushiye ubuDodana baKhe, wayeseba yisono, wayesethatha izono zethu, ukuze Athathe izoni bese ezenza amadodana. Waba yimi, ukuze mina ngibe nguYe. Uba yisoni, ukuze mina ngibe yindodana kaNkulunkulu. U . . . O, ku—

kuyethusa, Akwenzile. Niyabo? Uthathe indawo yakho, ukuze wena uthathe indawo yaKhe. "Niyizindlalifa ezihlangene naYe; eMbusweni." Uba yisoni, njengawe, izono zakho zabekwa phezu kwaKhe; ukuze Akuthathe futhi akwenze umfo wakubo oyisakhamuzi saseZulwini, futhi akuhlalise naYe eMbusweni kaNkulunkulu. Nakho lapho okhona: ufaka uMoya waKhe kuwe. Futhi uma uMoya waKhe ukuwe, imisebenzi Ayenzayo yena nawe uyakuyenza.

195 Manje, bukani ukuthi Wenzani ngenkathi Elapha emhlabeni. Wazibonakalisa kanjani Yena uqobo na?

196 Ungeke wazungeza, uzulazula, futhi uya emakamelweni amachibi, futhi uzulazula ubalekelana nendlu yokukhonzela, futhi uhlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku, ukuba ubone uhlobo oluthize lomdlalo wethelevishini onyanyekayo, noma into efana naleyo, futhi ushiye ibandla lakho, nakho konke kanjalo, futhi uke ulindele ukubona uKristu. Uzofanele ushiye lezozinto, ukuba ulandele uMoya oNgcwele.

197 Makazibonakalise Yena uqobo njengoMesiya, njengoba kwenza labobalandeli bokuqala. BaMlandela, ukubona ukuthi ngabe WayenguMesiya yini. Ucabanga ukuthi yini eyenza ngenkathi uAndreya ehlala ubusuku bonke naYe ngalobobusuku, yena noFiliphu na? Ngokusa okulandelayo, uFiliphu wahamba ngenye indlela, noAndreya ngenye.

198 UAndreya waphuma walandela umfowabo. Futhi wathi nje angafumana uSimoni, wathi, "Woza, ubone. Simfumene lowoMesiya." Wayazi ukuthi WayenguMesiya. Ngani na? Wayazi ukuthi uMesiya wayezoba yini. Wayazi, ngokomBhalo, ukuthi uMesiya wayezoba yini.

199 Manje, kusobala, amaJuda, lezozinsuku, babenakho bekulinganisile konke, lawomabandla amakhulukazi. "O, nxa uMesiya efika, kuyobakhona ukukhala kwecilongo ekuvundleni ezibhakabhakeni, noNkulunkulu uyophenduphendula into ethize, bese ededela imihubhe yaseZulwini iqathakele phansi. Futhi kuyobakhona isaluthe seNgelosi esiqhuma emhlabeni wonke. NoMesiya uzofika, egibele leyomihubhe yehla kanjalo, neziNgelosi namabhendi, nezinto ezinjalo, zehlela ngqo ku*leli*thempeli, ahambe angene kulo. Uyoba nguMesiya. Uyothatha intonga, bese ebusa umhlaba."

200 Bukani ukuthi Ufika ngokwehluke kangakanani, kodwa Wafika ngokomBhalo. "Ekhwele ithole lomnyuzi, eze, egibele eyongena eJerusalema, ethobile futhi emnene." Kunjalo. Niyabo?

201 Lokho kwaze kwaphendula ngisho nomprofethi, uJohane. Wayeshumayele uMesiya nembenge yokwela esandleni saKhe, eshanelisisa isibuya saKhe; futhi nxa Efika, emnene futhi ethobile. Kodwa uJohane wazi ukuthi lowo kwakunguMesiya, ngoba wabona lokho kuKhanya phezu kwaKhe. Futhi wakwazi

lokho. Wathi, "Owangitshela ehlane, 'Hamba, ubhaphathize ngamanzi,' wathi, 'Lowo oyobona uMoya wehlela phezu kwaKhe futhi uhlala, NguYe obhaphathiza ngoMoya oNgcwele nomlilo.'" Akekho omunye umuntu owakubonayo. UJohane wakubona. Isithembiso sasikuJohane.

Akukho-muntu owabona inkanyezi izazi ezayilandela.

202 Futhi kunjalo nakulobubusuku. Ungahlala lapha, uphuphutheke ngokuphindwe kabili, futhi ungawaboni neze amandla kaNkulunkulu. Ubungeke neze wakuqonda uNkulunkulu aze avule awakho . . . "Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi, futhi akukho-muntu ongeza uma uBaba waMi engamdonsi." Yilokho kuphela. Lokho kuyakuxazulula.

203 Manje sithola ukuthi bashiya konke, base beMlandela futhi babona ukuthi WayenguMesiya. UAndreya wahamba futhi watshela uPetru, wathi, "Uyazi ukuthi ubaba wethu wasitshelani na?" Into ethi ayifane nalena, mhlampe. "Siyazi nxa uMesiya efika. UMose wasitshela ukuthi 'iNkosi uNkulunkulu wethu iyovusa umProfethi' onjengaye nje. Futhi siyakwazi lokho, sifundiswe ukuthi, 'Uma ekhona phakathi kwethu, ongowomoya noma umprofethi, akushoyo kufezeka, khona-ke mzweni. Uma kungafezeki, khona-ke ningamuzwa.' Futhi siyazi ukuthi uMesiya uyoba yi . . . hhayi umprofethi kuphela. Uyoba nguNkulunkulu-mProfethi. Ngakho leNdoda iyilowoMfo."

"Wazi kanjani, Andreya na?"

"Woza nje, ubone."

204 Wawelela lapho. Futhi wathi nje angenyukela phambi kukaJesu, uJesu wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase." Wazi, ngayo leyonkathi, leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu.

205 Nakhu kuza uFiliphu, noNatanayeli. Wathi nje uNatanayeli angenyukela kuYe, wazi . . .

206 Bangahle, ngiqagele, ingxoxo enkulu ababenayo, bekhuluma ngakho, beza neno. Nokuthi Wayemtshele kanjani uPetru lezizinto, futhi umnika elinye igama, futhi wamtshela ukuthi wayengubani, noyise, kanjalonjalo, ngakho. "Uyazi uMesiya ufanele ukuba ngumprofethi."

207 Awu, nangu enyuka-ke, wenyukela phambi kukaJesu. NoJesu wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye."

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

208 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

209 Wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli." Lokho kwakuxazulula, kuye.

210 Omncane, omdala owesifazane olusizi, onamanyala, ongcolile, ehlala namadoda ayisithupha. Wayegane amahlanu, nale ayehlala nayo ngaleyonkathi yayingesiyo eyakhe. Waphumela emthonjeni ngoluny'usuku ukuyokha amanzi. Futhi ngenkathi ehlisa iphampu, noma ibhakede esigwedlweni, phansi, ukukha amanzi, futhi ngenkathi eseqala ukuwaphakamisa ngalo, wabona iNdoda ephakathi nendima yempilo ihlezi laphaya, iJuda. Yathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

211 Wathi, "Sinokwehlukana. Aku—kukho . . . akukhomasiko lapha aKho, uyiJuda, ukucela mina, owesifazane ongumSamariya, into enjengaleyo. Asidlelani."

212 Wathi, "Kodwa uma bewazi ukuthi Ubani obekhuluma kuwe, ubuyocela kiMi amanzi. Ubuyowacela kiMi amanzi." Bavele nje . . . Baqhubeka, bexoxisana, isikhashana. Wayenzani na? Ezama ukuthola ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe.

Manje, "UJesu wayeswelekile ukwedlula ngaseSamariya."

213 Khumbulani, Wazibandakanya Yena kuphela neJuda noweZizwe . . . Lowo nguHamu, abantu bakaShemi. Niyabo? Abantu bakaJafete washiywa. Thina bo Anglo-Saxons, sasingabahedeni, sikhonza izithombe ngalezozinsuku. Khumbulani. Akazibonakalisanga ngani Yena uqobo, uJesu, ngenkathi Esemhlabeni, kwabeZizwe, ngalesosibonakaliso esifanayo, ukubakhombisa na? Ngoba abeZizwe wayengabhekeMesiya.

214 AmaJuda lalibheke uMesiya, namaSamariya wayebheke uMesiya.

215 Futhi Wazibonakalisa Yena uqobo njengoMesiya, ekutsheleni uPetru, lo Amnika izihluthulelo kuwo uMbuso. NakuNatanayeli. Nempumputhe uBartimewu, ngenkathi ukukholwa kwakhe kuMmisa. Nowesifazane onomopho. Kanjalo kanjalo, kumaJuda.

216 Kodwa Nangu manje phambi kwamaSamariya, futhi Ufika kumaSamariya, ukuba Azazise njengoMesiya weqiniso.

217 Manje, amakhulu eminyaka, bobabili iJuda nomSamariya babekholwa ukuthi kwakukhona uMesiya ozayo. Ngakho, uma uMesiya wayesemhlabeni, kukuMesiya ukuba Azibonakalise.

218 Bukani uSimiyoni omdala ethempelini, enobufakazi, ukuthi, "Angiyikubona ukufa ngize ngibone uKristu weNkosi." Futhi ngawo impela umzuzwana uMariya angenisa ngawo iNgane, uMoya oNgcwele wakhuluma kuSimiyoni. Wahamba wawelela ngqo lapho Ayekhona, *kanjalo*, wayesephakamisa izandla zakhe, wayesethi, "Sale usumukisa inceku yaKho ngokuthula ngokwamaZwi aKho, ngokuba amehlo ami libona iNsindiso yaKho." USimiyoni akaphilanga isikhathi eside ngokwenele ukuba aMbone enza imisebenzi yaKhe yobuMesiya, kodwa wayenokuqoshiwe ukuthi Wayenguye.

219 Kodwa Wazenza Waziwa kubantu, njengoMesiya, ukuba abe yilowoNkulunkulu-mProfethi. Lowo wesifazane, ngenkathi Ekhuluma kuye, wathi, “Hamba, ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

220 Wathi, “Usho kahle. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.”

221 Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi, nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto. Lesi kuyoba yisibonakaliso sikaMesiya nxa Efika. Uyoba nguYe oyositshela lezizinto.”

NoJesu wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

222 Ngokushesha washiya leyombiza yamanzi wayesegijimela emzini, wayesetshela amadoda asemzini, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele engikwenzile. Lona kungebe suye uMesiya impela na? Leso akusiso isibonakaliso uMesiya ayezosikhombisa sona na?”

223 Akazange abe esakwenza futhi, ngaphambi kwanoma yimuphi wabo, kodwa bathi amadoda alowomuzi aMkholwa ngenxa yobufakazi bowesifazane ukuthi WayenguMesiya. Amen.

224 Manje sekuyisikhathi sabeZizwe. Sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yamathizethize, okuhle nokubi, izinhlangano, izimpumelelo nokungaphumeleli, nokuqophisana nokukhathazeka, nokuqophisana nokulwa, nakho konke okunye, osiyazi bezenkolo namakholiji, nanoma yini okunye.

225 Manje, uma Avumela lawomaSamariya namaJuda eze ehle ngqo, ayeshiye onkulunkulu basezweni, ukuba akhonze uNkulunkulu, futhi ebheke uMesiya ozayo; noMesiya Wazazisa kumaJuda ngaleyondlela, ngalolosuku. Futhi Angeyephule imigomo yaKhe. Akasuye uBaba oyokwenza okunye komunye, nokunye kwenye into, into ehlukile. UnguJesu ofanayo. Kunjalo.

226 Manje, lapha, sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili. UMoya oNgcwele wehlele phezu kwethu. Sakhuluma ngezilimi, futhi sabona izibonakaliso nezimanga, kanjalonjalo. Manje, isibonakaliso sokugcina uAbrahama asibonayo, ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ibuye, kwakunguNkulunkulu Ezibonakalisa emzimbeni owawukwazi ukudla, ngokubikezela nokukhombisa isibonakaliso esifanayo uJesu asikhombisayo ngenkathi Elapha, ukuthi unguMesiya. Manje, uJesu waprofetha futhi wathi kuyoba ngaleyondlela. Futhi, bangani, manje sekuyihora.

227 LawomaJuda emi lapho, ngenkathi ebona uJesu esho lokho kuleyondoda, athi . . . Ayefanele aphendule inhlangano yebandla lawo. Wona, azi ukuthi kwenziwa, ngakho akukho ayengakwenza ngakho. Ayedingeka aphendule inhlangano

yebandla lawo, ngakho athi, "LoMuntu unguBelzabule. U . . ." Acabanga lokho enhliziyweni yawo. "LoMuntu unguBelzabule, niyabo, ngenxa yokuthi Ungumbhuli, olunye uhlobo lo—lofunda ingqondo, noma okuthize. UnguBelzabule."

228 UJesu wayibona imicabango yawo. Futhi Wajikela ngakuwo, Wayesethi, "Nikhuluma lokho ngokumelana naMi, iNdodana yomuntu, Ngizonithethelela. Kodwa, ngokunye, ngoluny'usuku uMoya oNgcwele uyeza, ukwenza into efanayo. Nokukhuluma nimelane naWo, akukho neze ukuthethelelwa kulelizwe nasezweni elizayo."

229 O, mfowethu, ngijabula kakhulu kulobubusuku ukuba nesibusiso sephentekoste. Amen. Akungabazeki kodwa phakathi lapha, bazalwane, nihlezi phakathi lapha nivela kwi church of God, iFoursquare, iAssemblies of God, nawo onke ehlukene. Lokho kuyamangalisa. Lokho, qhubekani nje ngqo nihamba. Ninga . . . Hlalani nje nakho ngqo. Niyabo? Kodwa ningalokothi nicabange ukuthi ublankethe awelulekeli phezu komunye umfowenu, futhi, kwenye inhlangano e (njenga nje) noMoya oNgcwele impela nje. "UNkulunkulu wabapha labo uMoya oNgcwele abaMlalela." Ngakho omunye umfowethu wakwenza, naye, niyabo, ngakho nje welule wendlaleke. Lokho konke kulungile. Futhi asihlangane futhi sithokoze.

230 Sishiye izwe. SiyiNzalo ka-Abrahama. SiyiNzalo kaKristu, iNzalo ethenjisiwe. Futhi sesilapha, phansi ngqo. Futhi kwakuyini into yokugcina manje, Ayinika ubaba wethu uAbrahama na? Lesosibonakaliso, phambi kweSodoma, phambi kokushiswa, nokufika kwendodana. Manje, ngaphambi nje kokufika kweNdodana ethenjisiwe, nokushiswa kweSodoma, uNkulunkulu wethembisa ngoJesu Kristu ukuthi kwakuzoba yikho impela, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma."

231 Bukani izwe namhlanje. Umlando wezwe awukaze uzibone izimpendukezelo eziningi kangaka njengoba sinazo namhlanje. Neposi lami ligcwele omama, bekhala, bangapha eCalifornia. Ngifunda iphephandaba, leyompendukezelo, ngani, yashintsha eCalifornia, ngiyacabanga, lapho emapesenteni angamashumi amathathu, phezu konyaka ngaphambili. Impendukezelo, indawo zonke, amanyala. Izikole, izikole zezenkolo, baze baxoshe abantu ezikoleni zabo, unesikhathi esinzima ekhetha. Izimpendukezelo, "beguqula ukwenza kwemvelo," njengoba kwakunjalo nje eSodoma, sikubona ngaleyondlela.

232 Bukani uBilly Graham, isithunywa esivela kuNkulunkulu, ezansi phakathi lapho, eshwiba leloVangeli.

233 Manje, kuthiwani-ke ngeBandla, abaKhethwa na? Lifanele libe nesibonakaliso, nalo. Akunjalo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lifanele libe naso. Ngiyethemba kulobubusuku ukuthi sizoshiya konke okokungakholwa kwethu, futhi sikholwe yiNkosi uJesu, futhi siMlandele, futhi sibone

izibonakaliso zaKhe zosuku lokugcina, ngokuba Wethembisa ukuthi siyoba lapha.

Asikhothamise amakhanda ethu.

234 Ngabe ukhona oyedwa phakathi lapha kulobubusuku ongaMazi njengoMsindisi wakho, futhi ungathanda ukushiya yonk'into njengamanje futhi uMlandele na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Ngingathanda ukwenza lokho, ngibe ngumKristu wangempela." UNkulunkulu akubusise. Ukhona omunye na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubisise, dade. UNkulunkulu akubusise, nawe, mfowethu. Omunye na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. "Ngingathanda ukushiya yonk'into. Ngi—ngizokwenza, Mfowethu Branham."

235 Ngifuna ukubuza into ethize. Mfowethu, dade, a—angi—angiqondile ukulimaza noma ubani. Kodwa, niyabo, u—u—u . . . Ubophezeleke eZwini. "Uma—uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini." Ngezinye izikhathi ngidingeka ngisho izinto ezingisikayo, ikakhulukazi ngezinye izikhathi kodadewethu.

236 Isizathu, niyaqonda ukuthi owesifazane waba yilokhu uSathane akusebenzisayo ekuqaleni. UNkulunkulu wakhetha owesilisa. USathane wakhetha owesifazane.

237 Wabusiswa, kusobala, ukuba abe ngumshini wokuchamsela owaletha uJesu Kristu emhlabeni. Manje, Leyo kwakungesiyo iNdodana yakhe. Nonke niyakwazi lokho. UJesu akazange nakanye ambize ngomama. Akazange angabi na . . . Yizethameli ezixubile, kodwa niyangilalela. Kwakungekho-sidoda esivela kuMariya. Kwadalwa ngakho konke, intombi, nguNkulunkulu. "UMoya oNgcwele wasibekela." Yingalesosizathu uJesu wayengenakumbiza ngomama. Wayengesiyo ingxenye yakhe, lutho. Wayengumshini wokuchamsela nje uNkulunkulu awusebenzisa, ukuletha iNgane.

238 Isizathu, uma kwakukhona noma yini yalowo wesifazane eyayingeyalowoMfana, leyoNgane, lowo wesifazane, (niyaqonda; nina abadala niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini,) kwakufanele kube nolunye uhlobo lomcabango, oluny'uhlobo lwesidoda luvela kulowo wesifazane, ngalokho, khona-ke kwakufana ngokoqobo nesenzo socansi noNkulunkulu uSomandla. Kwakungeke kwenzeka.

239 UNkulunkulu wadala ingane, kokubili iqanda neGazi. Kokubili ingqamuzana, lowesifazane nowesilisa, uNkulunkulu wadala. Yingalesosizathu lowomzimba wavuswa. Impela. Waba ngowokuqala wokuvuka. Ngakho Akazange ambize ngomama. Bathi, "Umama waKho uphandle lapha eKufuna."

240 Wathi, "Ubani umama wami na?" Wathi, "Labo abenza intando kaBaba waMi, uyafana nomama waMi." Niyabo? Ngakho Akazange nakanye ambize ngomama. Wambiza ngo "mame." Yilokho ayeyikho.

241 Nabanye benu bantu abangamaKatolika athandekayo nimenza unkulunkulu, noma unkulunkulukazi, indlovukazi yeZulu. Akulungile. Qhabo, akusiyo. Wayengowesifazane olungileyo. Yebo, mnumzane. Impela. Kodwa wayengengaphezu kwanoma yimuphi omunye wesifazane uNkulunkulu akhetha ukumsebenzisa. Angamsebenzisa owesifazane enzela eny'into ethize. Angamsebenzisa, noma ngayiphi indlela. Wayengumshini wokuchamsela nje, ngoba yilokho ayeyikho, ukugcina iMbewu ifudumele, nokunjalo kanjalo. NokuPhila kungena eNganeni. Kodwa iGazi, umbala obomvu ezinhlayiyeni zegazi, sazi njalo, uvela ebulilini bowesilisa. Futhi Wayeyisilisa, uMdali. WayengeJuda . . . INgane yayi . . .

242 UJesu wayengeJuda engengoweZizwe. WayenguNkulunkulu. Kunjalo. UNkulunkulu uqobo lwaKhe wadala umzimba Ahlala kuwo. Leyo kwakuyiNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Lokho okungcwele, ukuzalwa yintombi kwaletha lesi isidalwa esingumuntu, umqondo ophelele ngoMoya oNgcwele. Owesifazane wayengahlanganise lutho nakho, kungekho-qanda nangqamuzana legazi.

243 Indoda inengqamuzana legazi. Owesifazane uneqanda. Ngalendlela, kwakuyofanele kubekhona olunye uhlobo lwesifiso nomcabango, ukwenza into ethize yenzeke.

244 Futhi kulolodaba, kwakungekho lutho kodwa ukusibekela kukaMoya oNgcwele, noNkulunkulu wadala kowesifazane. Lowo nguMsindisi wami. Ngaphandle kwaKhe, sonke sihambile.

245 Manje, abanye benu bantu lapha, nina besifazane, ningahle nibe ngabesifazane abayiPentecostal, ube necala lokugqoka izingubo ezingenasimilo, nigunda izinwele zenu, nenza izinto. Ngiyaqaphela lapha eCalifornia, ababaningi kakhulu ababo . . .

246 Noma, lapha eArizona, njalo, ababaningi kakhulu abalabo abazipenda ubuso. Lokho kwalwiwa nakho, futhi. Awu, akukho lutho eBhayibhelini kini lokuba lithi ningazipendi ubuso. Siyazi nje ukuthi akulungile, ngoba kungokwezwe.

247 Kodwa kunomyalelo eBhayibhelini ukuthi owesifazane, ogunda izinwele zakhe, ungumuntu ohlazisayo. Futhi uma kubukeka ngaleyondlela kuNkulunkulu, futhi uthi unoMoya oNgcwele, futhi wenzenjalo, kukhona okungalungile.

248 "Ukugqoka ingubo engeyowesilisa." O, dade, othandekayo, ungazilinganisi nezwe. Shiya izwe. Bambelela kuKristu.

Wena uthi, "Kwenza mehluko muni na?"

249 "Ubusisiwe owenza konke okwemiyalelo yaKhe, ukuze abe nelungelo lokungena eMthini wokuPhila." "Onecala kokuncinyane unecala kukho konke."

250 Wazi kangcono. Uma unoMoya oNgcwele, ngempela Uyokutshela kangcono. Uyokutshela kangcono, uma kunguMoya oNgcwele.

251 Manje, uma unecala, futhi uthanda ukwenza isiqalo kulobubusuku, futhi uthi, "Mfowethu Branham, bengingakuqondi lokho. Kade ngilokhu ngishelela. Ngifuna ukuqala kabusha. Kusukela kulokhu kuqhubeke, ngizokhonza uNkulunkulu." Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." UNkulunkulu akubusise. Lokho kuthatha isibindi. Lokho kuthatha ngempela . . . UNkulunkulu akubusise. Eziningi zezandla. Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Manje-ke, uma wazi, ukuthi Into ethize kuwe, ikutshela ukuthi unephutha, khona-ke uyazi uNkulunkulu useduze kwakho.

252 Kodwa uma uzwa iZwi licace kakhulu, bese kuthi-ke ulokhu uhlezi lapho futhi uthi, "Angeke ngikwenze. Akazi ukuthi ukhuluma ngani," nami ngicaphuna iZwi khona lapha, niyabo, khona-ke kukhona okungalungile ngalokho okukuwe. Niyabo? Akusikho kodwa into eyodwa, nguSathane. Yilokho kuphela. Kumelene noNkulunkulu. Kumelene nemigomo yaKhe. Kumelene neZwi laKhe.

253 Omunye wathi kimi, kungekudala, umshumayeli odumile. Wathi, "Mfowethu Branham." Wangibizela ekamelweni lakhe, wabeka izandla phezu kwami. Wathi, "Uzoyona inkonzo yakho."

Ngathi, "Ini?"

254 Wathi, "Uhlala njalo uklabalasela abantu, ngendlela abenza ngayo." Wathi, "Yini unga . . . abantu bacabanga ukuthi ungumprofethi."

Ngathi, "Angisimprofethi."

255 Wathi, "Awu, abantu bacabanga ukuthi unguye. Awubafundisi ngani izinto zokomoya, ukuthi bangazemukela kanjani izibusiso ezinkulu zokomoya nezinto na?"

256 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani izinto zokomoya bebe bengazi ngisho noABC babo na? Bangeke ngisho babe nobuqotho obuvamile ukuba babe semgqeni neZwi, kungasaphathwa izinto zokomoya. Uma bengazikholwa izinto zomhlaba, bazozikholwa kanjani izinto zasezulwini na?"

Wathi, "Awu, uzoyona nje inkonzo yakho."

257 Ngathi, "Noma yiyiphi inkonzo iZwi likaNkulunkulu eliyoyona, ifanele yoniwe." Buyelani eZwini. Kunjalo.

258 Manje, uma nibhema osikilidi, nokunjalo kanjalo, futhi nizisho ukuthi ninoMoya oNgcwele, ngiyanidabukela. Nina besilisa! Nithi, "Ukhethelani abesifazane na?" Nina besilisa eniyoyekela omkenu benze lokho, o, mnumzane, uzibiza ngomKristu, ngiyakudabukela.

259 Ngiyazi lokhu kunesihluku. Kodwa, mfowethu, yi—yisikhathi sokulungisa. Yisikhathi sikaMoya oNgcwele ukuba afike, athathe uMlobakazi waKhe. Futhi uma kungabi semgqeni neZwi laKhe, khona-ke kukhona okungalungile.

260 Nina eniwileyo, nihlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku futhi ningeke neza ngapha endlini yokukhonzela, nibuka amatelevishini, nobunye ubusuku bendlu yokukhonzela! Cabangani, ngempela ni—nithi, futhi uma uzodingeka uze endlini yokukhonzela, uzofanele uziphoqelele ukuba ukwenze, ngoba ucabanga ukuthi kungumthetho uyakwenza. Ubufanele ukwenze. Kungukuhlonipheka ukukwenza. Futhi uma ungathandi ukukwenza, kukhona okungalungile. KunoMoya oNgcwele okwenza uthande ukukhonza uNkulunkulu.

261 Manje, ngalokho, amakhanda enu esakhotheme, wonke ozizwa ukuthi bangathanda ukwenza isiqalo kuNkulunkulu, kulobubusuku, phakamisa isandla sakho. Wonke nje umuntu phakathi lapha manje, phakamisa isandla sakho nje, wonk'umuntu, macala onke. UNkulunkulu akubusise, akubusise, wena, wena, wena, wena. UNkulunkulu akubusise. Kuhle. Ngizonikhulekela.

262 Baba waseZulwini, manje ngikhulume amaZwi aKho njengokusobala nokucacile, nokusikayo, njengoba bengazi ukuthi kanjani. Kungesikho ukwehluka; uma leso bekungaba yisimo sokuziphatha kwami, Nkosi, bengifanele ngibe yilowo ose altare. Kodwa uma ngibona omunye umuntu, umfowethu noma udade, eminza esikebheni esidala esivuzayo, futhi ngingadazuluki kubo, noma ngibakhuze, noma ngandlela-thize ukuba ngibakhiphe kulesosimo, khona-ke angibathandi. Ngizama ukubakhipha, Nkosi, ukuze baphephe.

263 O Nkulunkulu weZulu, ngikhulekela ngamunye abaphakamise izandla zabo. Ngibone abaningi balabo besifazane abancane abaphungule izinwele bephakamisa izandla zabo, benokwenele komusa ngabo baze sebeyazi ukuthi banephutha. Bekunabaningi abangazange. Manje, Wena unguMahluleli walokho. Kodwa ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosindisa labo. Siphe khona. Njalonjalo . . .

264 Lawomadoda aphakamise isandla sawo, izinsizwa ezinhle ezinamandla zihlezi nomkazo, kanjalonjalo, ziphakamise isandla sazo. Abantu abadala bephakamise izandla zabo. Manje, Baba, sifanele sishiye izwe nezinto zezwe, kungenjalo singeKukhonze.

265 Ngikhulekela ukuthi UzoZibonakalisa kulobubusuku ngangokuthi abantu bazokubona lokho, iZwi elikhulunyiwe. Amadoda angasho noma yini. Kodwa nxa uNkulunkulu efika ngapha futhi aqinise iZwi laKhe, afakazise ukuthi yiZwi laKhe, khona-ke sishiywa-ke singenazaba. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi

Uzosipha khona kulobubusuku. Futhi kuzothi nje lababantu banga . . .

266 Mhlawumbe abaningi babo yizoni. Abaningana baphakamise izandla zabo, njengezoni. Futhi ngiyakhuleka, Baba, bathi nje bangabona ukubonakaliswa . . . Nokwethemba ukuthi Uzokwenza kulobubusuku, Uzozibonisa, ukuthi ukuphela sekulapha. INdodana ebhekiweyo izofika masinya eNzalweni ka-Abrahama, naleloSodoma lizoshiswa.

267 Ngoluny'usuku akuyikubakho-tshe elishiywa phezu kwelinye, lasePhoenix. Isigodi siyoshanelwa sihlanzeke. Edolobheni kulobubusuku lapho khona ukuphinga, ukuphuza izinhlobonhlobo zotshwala, omama ababhema usikilidi, amadodakazi, edansa, etwista, eqhubeka, amadoda ephila ngesimilo esibi, isono salelidolobha! O Nkulunkulu, kodwa ngibuka phansi ngakho, futhi ngicabange, "Kusizani ngisho nokuzama na?"

268 Kodwa manje-ke ngibuka phansi ngokwedlulela lapho futhi ngibone ukuKhanya okuncane *lapha* na*laphaya*, umKristu ozahlukanisele, ekhuleka. "Bonke labo ababubulayo nabakhalela isinengiso esenziwe phakathi nomuzi, iNgelosi yathunywa ukuba ibeke uPhawu phezu kwabo, ibamake, futhi baba yibo ababengayikubhujiswa." Ngiyakhuleka, Baba, bazoba baningi abazoba ngumKristu ozahlukanisele, indodana okukhulunywa ngayo, ingesabi ukubizela ngaphandle lababantu. Nkulunkulu, ngalolusuku, asikhulume izinto efanele.

269 Futhi kuyobakhona uSuku lokwaHlulelwa oluzayo, futhi ngaleyonkathi abayikuba nazaba, ngokuba loMlayezo kulobubusuku uyophoswa esibukweni iskrini, imipheme yasesibhakabhakeni, futhi sonke siyophendula. Ngakho ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosoka izinhliziyo zabo kunoma yiziphi izinto zezwe, ukuze baphile ngokumesaba uNkulunkulu kulelizwe lamanje. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

270 Ngiyaxolisa kakhulu ukunihlalisa. Si . . . Ngi—ngileyithi ngempela. Futhi angi—ngi . . . Ngifanele ngabe sengiphumile. Kugcina . . . Njalo ebusuku, ngiphume kulapha, ngeleshumi nqo, okungokokugcina. Bengifuna ukuphuma kulobubusuku ligamenxe elesishiyagalolunye. Angikwenzanga.

Manje, umzuzu nje, ukubeka u—uphawu kwengikushilo.

271 Manje, ngempela, angisuye umshumayeli. Noma ubani uyakwazi lokho. Anginamfundo, futhi ngisebenzisa amagama ami amadala aseKentucky ka "kwakhe," "akusikho," no "thutha," no "landa," no "phatha," no "labo o." Futhi niyazi angisuye umshumayeli kanjalo. Anginayo imfundo ukuba ngibe nguye.

272 Kodwa ngingumKristu. INkosi uJesu yangisindisa esonweni. Ngiyakwazi lokho. Futhi Inginika elinye iZwi ukuba ngiqinise

lokho okuncane engikwaziyo. Into kuphela, angizami ukubeka noma yikuphi ukuhumusha kwangasese. Ngivele ngiLifunde nje. Nanoma yikuphi eLikushoyo, ngisho into efanayo. Niyabo? Yilokho kuphela engikwaziyo. Niyabo? Manje, uma kuhunyushwa ngokungesikho, angazi. Ngikusho nje ngendlela okuhunyushwe ngayo *lapha*. Niyabo? Futhi njalo Ubenamathela emva kwakho, futhi wakwesekela.

273 Ngikholwa ukuthi uJesu Kristu uyeza masinyane. Ngikholwa ukuthi UnguJesu ofanayo, izolo, namuhla, naphakade. Ngikholwa ukuthi Wathi, "Kuseyisikhashana, nezwe," ukuma komhlaba wonke nezulu, ukuma kwezwe, "akusayikusibona . . . yikuNgibona. Nokho, niyakuNgibona nina, nina, iBandla, ngokuba Ngi," isabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sitholile ukuthi misebenzi mini Ayenzile, ukuthi UZibonakalisa kanjani.

274 Ngiyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi uNkulunkulu uzothatha lelibandla . . . Manje, akunandaba ukuthi Ubengangigcoba kangakanani mina, Uzofanele agcobe nina, futhi. Niyabo? Akunandaba ukuthi uMoya oNgcwele ubungazama kangakanani ukukhuluma *lapha*, Kuzofanele kube nento ethize ephuma *lapho*, ukukuzwa.

275 UJesu wadabula eqenjini labantu, ngoluny'usuku, futhi babempompoloza, "Rabi, Rabi, siyajabula ukuba nawe ngapha, *s'bani-bani*." UJesu wavele wahamba waqhubeka nje.

276 Futhi kwakunowesifazane omncane ofika ngakhona wayesethinta umphetho wengubo yaKhe, wayesebuyela emuva wayesehlala phansi. UJesu wama wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

277 Ngani, uSimoni Petru wathi kuYe, sengathi, ngani, waMkhuza. Wathi, "Awu, kungani Ungasho into enjengaleyo na? Wonk'umuntu uyaKuthinta."

278 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngiphele amandla. Amandla," okungukuqina, "aphumile kiMi."

279 Waqalaza nxa zonke phezu kwezethameli. Kwakukhona umuntu othize owaMkholwayo. Akunandaba, kwakungahle ukuba kwakukade kunamakhulu lapho, kodwa kwakukhona umuntu othize owakholwa. Wamthola lowo wesifazane omncane, wamtshela ngomopho wakhe, wawunqamukile, futhi waphiliswa. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Waqhubeka ngqo. Niyabo? Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

280 Manje, sinamakhadi omkhuleko anikezelwayo. Sinikezela ingxenye yawo, laphaya izolo ebusuku, ingxenye yawo kulobubusuku.

281 Siqale kwelokuqala, izolo ebusuku na? Siqale ngelokuqala leshumi nanhlanu noma lamashumi amabili, izolo ebusuku, kusukela kwelokuqala kuya kwe*lithize-thize* na? Yiliphi na? Nithini? [Omunye uthi, "Elamashumi amabili."—Umhl.] Elokuqala kuya kwelamashumi amabili. Kulungile. Inqwaba yabo balapha kulobubusuku.

282 Asinikeze amanye kusukela kwingemuva lakho, ke. Asiqale. Asibone. Sinemizuzu eyishumi nanhlanu, asinikeze amakhadi ayishumi nanhlanu, ke. Asibone, lokho kuzoba ngelamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini. Asiqale ngelamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, kuya ekhulwini.

283 Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu na? Phakamisa isandla sakho. Elamashumi ayisisiyagalombili-nanhlanu, owesifazane emuva lapho? Yenyukela lapha, dade. Elamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, ubani onelamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha na? Khona lapha. Elamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, elamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa. Umuntu mumbe phakamisa isandla sakho, elamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa. Lendoda, elamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa. Elamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, elamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili. Elamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, elamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Elamashumi ayisishiyagalolunye, elamashumi ayisishiyagalolunye-nanye, elamashumi ayisishiyagalolunye-nambili, elamashumi ayisishiyagalolunye-nantathu, elamashumi ayisishiyagalolunye-nane, elamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu, elamashumi ayisishiygalolunye-nanhlanu. Ya. Elamashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha, elamashumi ayisishiyagalolunye-nesikhombisa. Elamashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha, angilibonanga liphakama, elamashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha. Manje, uma unekhadi lakho, woza. Niyabo? Elamashumi ayisishiyagalolunye-nesikhombisa, elamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili, elamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, elekhulu. Kulungile. Ngenkathi lababantu. . .Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye. Cishe kunayisishiyagalombili angekho.

284 Manje lalelani. Yiqiniso. Ungenyukeli lapha nesono esilenga empilweni yakho. Kungangcono usivume khona lapho, kuNkulunkulu. Kodwa uma—uma unaso, uma usivumile isono sakho, woza ngaphambili.

285 Bangaki khona lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uJesu akuphilise na? Phakamisa isandla sakho. Bangaki abazokholwa, uma uJesu Kristu ubengenza . . . Uma E . . . Bangaki okukholwayo lokhu na?

286 Bhekisisani. Ngizobuza lababefundisi emva kwami. Bazalwane, kuyiqiniso yini, njengabefundisi beVangeli, sikholwa ukuthi iBhayibheli, iTestamente eLisha, iNcwadi yamaHeberu, iyasho, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu khona manje"? [Abefundisi bathi, "Amen."—Umhl.] "UmPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na?" Kunjalo, bazalwane na? ["Amen."]

287 Bangaki khona lapho owaziyo ukuthi iBhayibheli liyasho ukuthi, "UmPristi oMkhulu"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

288 Awu, uma EngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, manje, Wakwenza kanjani na? Uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, manje-ke Wenza kanjani ngenkathi omunye umuntu eMthinta ngobuthakathaka babo na? Owesifazane omncane enomopho, owaMthintayo, ngoba wayenesidingo sokuba athintwe; Wajika, wayeseqalaza waze Wamfumana, wambiza. Kunjalo na? Kunjalo, bazalwane na? [Abefundisi bathi, "Amen."—Umhl.] Manje, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Uzofanele enze ngendlela efanayo, ngoba Ungu—UngumPristi oMkhulu. Kunjalo na? ["Amen."] Awu, Uzofanele enze ngendlela efanayo.

289 Manje, aniwadingi amakhadi omkhuleko. Qhabo. Anilidingi ikhadi lomkhuleko. Into kuphela eniyidingayo ngukuba nokukholwa kuNkulunkulu. Ninokukholwa, kholwani nje ngayo yonke inhliziyo yenu ukuthi uJesu Kristu uphilisa abagulayo nabahluphekile, futhi Uzothi ngempela uzokwenza.

290 Manje, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje womkhuleko manje, futhi, ngaphambi kokuba noma yini ishiwo noma yenziwe. Manje, angisho ukuthi Uzokwenza. Ngithemba ukuthi Uzokwenza. Kodwa ngi—ngiyakholwa, futhi ngithemba ukuthi Uzokwenza. Manje, uma Ezokwenza, bangaki kini abazokholwa na? Phakamisa isandla sakho. Kwangathi Angasipha khona, ngumkhuleko wami.

291 Baba waseZulwini, manje ngisho okushiwo yiZwi laKho, "Ngishiya konke, ukuba ngiKulandele." Labo abashiya konke, bathol'ukuKubona. Futhi akunandaba ukuthi Ubungenzani, labo abangayikushiya isono futhi balandele, abasoze bakwazi ukuqonda. Labo abashiya isono, ukungakholwa . . .

292 Siyazi ukuthi isono singukungakholwa. Akunandaba ukuthi siphila ngcwele kanjani, ukuthi kuyini konke esikwenzayo, uma sisalokhu sikholwa ngokungesikho, siyizoni. IBhayibheli lithi, "Ongakholwa uselahliwe vele." Ngakho siyazi ukuthi sifanele sikholwe "onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Lokho kufanele kube yisinkwa sethu semihla ngemihla.

293 Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi, njengoba ngicaphune emiBhalweni kulobubusuku, izithembiso zaKho zalezizinsuku zokugcina, nokuthi yini ebesingakubheka ngalezizinsuku zokugcina. Uma lokho bekuqinisile, Nkosi, khona-ke qinisa lamaZwi ngezibonakaliso zilandela. Siphe khona.

294 Ngizinikela kuWe, neZwi, nabantu. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosoka izinhliziyo khona lapho, ukuba bakholwe ngayo yonke inhliziyo yabo, futhi ikakhulukazi laba ozoba semgqeni womkhuleko. Bese kuthi-ke uvumele abantu babone ukuthi uMesiya, uJesu Kristu, uMoya oNgcwele, unathi kulobubusuku. UseBandleni, iBandla elingumKhethwa, ababizelwe ngaphandle, iNzalo ka-Abrahama, ngesithembiso sobukhosi. Siphe khona, eGameni likaJesu. Amen.

295 Manje, manje ake ngibuke nje, umzuzwana. Manje, sizothatha isikhathi sethu nje, okwemizuzu embalwa nje, embalwa impela nje, cishe imizuzu eyishumi.

296 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NiyaMkholwa na? ["Amen."] Niyakholwa ukuthi lezizinto enginifundele zona eZwini kulobubusuku yiqiniso na? ["Amen."] Niyakholwa ukuthi uJesu wakwenza lokho ngenkathi Esemhlabeni na? ["Amen."] Niyakholwa ukuthi Wakwethembisa na? ["Amen."] Niyakholwa ukuthi sisezinsukwini zokugcina na? ["Amen."] Manje, leso yisithembiso saKhe. Ufanele asiphile. "Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi ehlala kini, khona-ke celani enikuthandayo. Niyakwenzelwa khona." Manje, injongo yenu nempokophelo kuzofanele kube ngokufaneleyo. Nizofanele nikholwe lokho ngayo yonke inhliziyo yenu.

297 Manje, angikholwa ukuthi ukhona umuntu emgqeni womkhuleko engimaziyo. Siyizihambi. Ngiyisihambi. Khona *lapho*, izihambi. Nonke nina enaziyo ukuthi angazi lutho ngani, wena okulomugqa omncinyane womkhuleko *lapha*, phakamisa isandla sakho, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe. Kulungile. Nonke khona *lapho*, owaziyo ukuthi angikwazi, noma angazi lutho ngawe, phakamisa isandla sakho, ngibone nje. Nakhoke lapho okhona. Manje-ke, kuludaba olufihlakele. *Nampa* abanamakhadi omkhuleko. *Nango* ongenamkhuleko . . .

298 Ikhadi lomkhuleko alilutho kodwa ikhadi elincane elinenombolo kulo. Sikunika inombolo nje, umfana uyehla bese ewashova, futhi noma ubani ofuna ikhadi lomkhuleko angaba nalo. Futhi akazi, akekho omunye owaziyo, ukuthi kuphi. Awu, ubengeke azi uma amakhadi onke eshoviwe, kusukela endaweni eyodwa kuya kwenye. Abazi neze ukuthi ubani ozoba semgqeni womkhuleko, ngoba ngeke sakusho lokho. Izikhathi ezininginingi, siwehlisela lapho . . .

299 Ngenkathi ngiqala kuqala ukuphuma, sasinendoda phansi lapho ithengisa amakhadi omkhuleko. Omunye wathi,

"Ngizokunika amadola angamakhulu amahlanu ukuba ufake umkami emgqeni." Niyabo?

300 Ngathatha indodana yami uqobo. Ngase ngithi, "Ndodana, ukuze uzihlanze kubantu, ukuze bazi ukuthi ungeke ulithengise ikhadi lomkhuleko, sukuma phambi kwabo, uxube amakhadi omkhuleko *kanje*, bese uwanikeza noma ubani olifunayo. Futhi ngaphandle kwalokho, ndodana, awusoze wazi ukuthi ngizobiza ngaphi ngize ngehlele lapho."

301 Bangaki okubonile lokho emhlanganweni, izikhathi ngezikhathi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngaso sonke nje isikhathi, ngiyoshintsha, futhi ngiye *lapha*, *lapho*. Bese kuthi-ke, ngaphandle kwalokho, lapho oyedwa ephiliswa khona emsamo, kunedazini elibizwa khona *lapho*, niyabo, kunjalo, ngaphandle kwamakhadi omkhuleko.

302 Ngakho kungukungabi nasiphosiso iNkosi uJesu Kristu, onguyena izolo, namuhla, naphakade.

303 Ningashiya konke, ukuba niMlandele na? Niyavuma ukushiya ukungakholwa kwenu, ukuba niMlandelele ukuphiliswa na? Shiyani izinto zenu—zenu zokwezwe, ukuba niMlandele ebungcweleni, futhi nihambele Yena. Yenzani lokho manje. Angisho ukuthi Uzokwenza. Uma Enza, khona-ke nizokwazi.

304 Lona wesifazane emi khona *lapha*, lesi yi—yisithombe futhi, njengoba ngishilo izolo ebusuku, sikaJohane oNgcwele 4. Nangu owesilisa nowesifazane, ebonana okokuqala empilweni. Futhi kwakusebhentshini elincane. Uma wake waba laphaya eSamariya, ngaphandle kwaseSikari lapho, u—umthombo omncane. Kunendawo encane ebonakala nxa zonke ngasikhathi sinye, imivini phezu kohlangothi lwayo, *kanjalo*. Yilapho owesifazane ahlala khona, wakhuluma kuJesu. Owesilisa, owesifazane, babonana okokuqala. Futhi Watshela lowo wesifazane ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Inkathazo yakhe yayingukuthi, wayenesono.

305 Kungahle kube nguye. Angahle abe yisoni. Angahle abe ngumzenzisi. Angahle abe ngongcwele. Angahle afune ukuphiliswa komzimba wakhe. Angahle afune ukuphiliswa komuny'umuntu. Angahle abe nezezimali. Yena, angazi ukuthi uze ngani lapha. Ngeke nje nganitshela. Umi lapho nje, owesifazane. Yilokho kuphela. Lelo yiqiniso. Asikaze sibonane. Kodwa uma iNkosi uJesu izoza lapha . . .

306 Manje, ukumphilisa, uma egula, ngeke ngakwenza. Ngeke ngenza lokho uNkulunkulu asevele ekwenzile. Manje, into kuphela . . .

307 Ukuba-ke uJesu ubemi lapha egqoke lesudu na? Uma enyukela kuJesu wayesethi, "Jesu, Uzongiphilisa na?"

308 Awu, Ubezothi, "Mntanami, seNgivele ngikwenzile lokho. Ngalinyazwa ngenxa yeziphambeko zakho. Ngemivimbo yaMi waphiliswa wena." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngumsebenzi osuqediwe.

309 Uze, uthi, "Jesu, Uzongisindisa na? Uzongisindisa na?" Akusiwo umbuzo lowo. Usevele ukwenzile.

310 "Nkosi Jesu, ngemukela ukuBuyisana kwaKho. Ngiyisoni." Uyabo? Wasindiswa emuva lapho. Waphiliswa emuva lapho. Wakwemukela nje. Ngokukholwa usindisiwe. Ngokukholwa wemukela ukusindiswa kwakho.

311 Futhi noma ubani ofika ngapha, akutshele ukuthi banamandla okuphilisa, futhi bangakuphilisa, uba . . . hlala uthi nqo ucace kulokho, ngoba akusikho. Amandla okuphilisa akuKristu, umsebenzi osuvele uqediwe.

312 Uma indoda ikutshela ukuthi uNkulunkulu uyinike amandla ukuthethelela izono zakho, nokwenza lokho, ungakukholwa. Sezivele zithethelelwe. UJesu emi lapha kulobubusuku, into kuphela, kungamemezela ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu.

313 Ukuba-ke Ube . . . Ukuba-ke manje izandla zami besigcwele izibazi zezipikili, negazi ligobhoza kuzo, nameva evundle *lapha* na? Lokho bekusayolokhu kungakwenzi kube uJesu. Lokho bekungaba yinyama yami.

314 Futhi siyazi ukuthi inyama ihlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Futhi uma ifika, isikhathi asisayikubakho. Kunjalo. Nxa uJesu ehla, yilokho kuphela okwakho.

315 Kodwa Ulapha esimweni sikaMoya. Bese kuthi-ke ukuPhila kwaKhe kukuwe nami, ukukunika ukukholwa nokunginika ukukholwa.

316 Manje, bukani lapha. Lo—lombhobho, ukuba belingekho iphimbo eliphilayo lapha ukukhulumela kuwo, ubuyoba ngothule ngokuphelele. Kunjalo na?

317 Manje, bukani. Lalelisisani, ukuze ningezukukugeja manje. Loludaba, uma uNkulunkulu ezokwenza, kuzokuxazulula.

318 Manje, lombhobho ungeke waze wakhuluma kunalutho, ngoba awunalutho lokukhuluma ngakho. Kunjalo na? Manje, indlela kuphela lowombhobho obungakhuluma ngayo, ngukuba into ethize ikhulumele kuwo.

319 Manje, ngilapha. Angimazi lowo wesifazane, angikaze ngimbone. Lokho yizandla zami phambi kukaNkulunkulu, futhi uphakamise izandla zakhe, ukuthi besingazani. Angazi lutho ngaye. Kodwa, kuze kungene into ethize *lapha*, ukukhuluma ukuthi yini okungalungile *lapho*, ngingothule, nami, ngoba angazi lutho. UNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kuqinisile. Uyabo? Kuzofanele kube yiNto ethize eyenza ukukhuluma.

320 Manje, ungathatha ukukhetha kwakho. Uma wena, njengoFiliphu, wathi . . . Noma, uNatanayeli wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Uyi—yiNkosi kaIsrayeli." Niyabo? Noma, ungaba yibo bethi kwakunguBelzabule. Niyababona ukuthi bakuphi kulobubusuku na? Angazi ukuthi ngabe ukuphi uNatanayeli kulobubusuku? Ongongaseyikufa. Niyabo? Thatha ukukhetha kwakho. Lokho kukuwe. Niyabo?

321 Kodwa manje ngisho lokho, ngilindele ukubona ukuthi ngabe Uzonginika yini ugcobo. Uma Engalunikezi ugcobo, khona-ke yinye kuphela into engingayenza, bangane, ngukuxolisa, ukuthi Akakahlangani nami kulobubusuku. Sizobe-ke sesibeka izandla phezu kwalababantu abagulayo futhi sibakhulekele, futhi sicele ukubusiswa, senze ukubizela e altare, futhi siye ekhaya. Yilokho kuphela esingakwenza. Yilokho kuphela engazi ukukwenza.

322 Kodwa uma Efika, khona-ke ngicabanga ukuthi ngamunye wenu ophakamise isandla sakho, ukuthi ubufuna ukubona uKristu, ngicabanga ukuthi ngumsebenzi omiselwe wena, kuzothi nje lokhu kungaphela, ukuba nehlele ngqo lapha futhi niguqe phansi, bese nithi, "Nkosi Jesu, manje sengizinikela kuWe."

323 Ngoba, uma ngingumqambimanga, Akasoze aqinisekisa umqambimanga. Akazukuzihlanganisa ngalutho nesono. UNkulunkulu angeke. Kodwa uma nginitshele iQiniso, khona-ke Ubophezelekile ngeZwi laKhe, uku—uku—ukufakazisa ukuthi kuyiQiniso.

Nkulunkulu, siphe khona.

324 Manje hloniphani ngokuzithoba nje. Niyabo? Ndawo zonke ezethamelini, hloniphani ngokuzithoba nje.

325 Ngingahle ngidingeke ukuba ngikhulume kuwe umzuzu nje, nenekazi, enye into nje. Angiluzwa ugcobo phezu kwami. Futhi a—angikwazi, futhi ngakho yilokho-ke. Manje, into kuphela engifuna uyenze, uma ngikubuza noma yini, uthi nje "yebo" no "qhabo." Uyabo? Manje, isizathu ngenza lokhu . . . Asithathe into ethize nje, ngakho kunga . . .

326 Asifuni neze ukushiya umBhalo. Sihlale ngqo emBhalweni, khona-ke siyazi ukuthi sikahle.

327 Manje, isibonelo nje, uJesu, manje, Wayesezansi kweliny'izwe. Futhi Wayesendleleni yaKhe ebheke eJeriko, eyayiphansi ngokuqonde ngqo entabeni. Kodwa Wayeswelekile ukudlula ngaseSamariya, enhla nga*le*ndlela. Manje, uBaba wayeMthume enhla lapho. UJesu wathi . . .

328 Esahlukweni esilandelayo, isahluko 5, ngenkathi Ephilisa umuntu owayenohlobo oluthize lwenkathazo. Izinkulungwane zabantu zazilele lapho, izixuku zezinyonga, izimpumputhe,

abaxhugayo, abashwabeneyo, belindele ukuzamazama kwamanzi. NoJesu wedlula, Wayesebona umuntu owayenesifo esivimbelanayo, mhlawumbe iTB, noma inkathazo yokungabi namandla, noma okuthize. Wayesemsindisa, ngoba Wayazi ukuthi wayelapho, futhi wayazi ukuthi wayengaleyondlela. Waqhubeka, washiya sonke isixuku lapho. Waqhubeka, emuka. Siyazi lelo yiqiniso. Kunjalo? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

329 Bathola, amaJuda aMthola, ayeseMbuza. BebengaMbuza futhi kulobubusuku. "Wakwenzelani na? Uma Enesihawu, futhi ethanda wonk'umuntu, kungani Wayengashiya sonke lesosixuku sezinyonga, izimpumputhe, abaxhugayo, abashwabeneyo, belele lapho na?"

330 Waphilisa umuntu oyedwa nje owayengaguli kakhulu. Kwakungezukumbulala. Wayenakho, iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili. Kwakuvimbela. Wayekwazi ukuhamba. Wathi, "Uma ngehlela echibini, omunye uyangedlula lapho." Niyabo? "Omunye uhamba angene phambi kwami." Kodwa Wasindisa lowomuntu oyedwa.

331 Futhi ngenkathi Ebuzwa, nanka amaZwi aKhe. UJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo; kuphela lokho Ebona uBaba ekwenza, lokho neNdodana iyakwenza kanjalo."

Ngakho ngenkathi Enyukela eSamariya, iNkosi yaMholela enhla lapho.

332 Manje, iNkosi ingiholile, inceku yaYo, ukuya ePhoenix. Ingiholele ngapha kulobubusuku. Manje ngilapha, ngenza izisho zaYo.

333 Manje, ngenkathi uJesu enyukela eSamariya, into yokuqala Ayithola kwakungowesifazane ofika phambi kwaKhe. Wakhuluma kuye waze Wasithola isimo sakhe. Ngenkathi Emtshela, ngokushesha wakuqonda ukuthi kuphakathi kokuthi ngumprofethi noma uMesiya othenjisiwe. Wathi WayenguMesiya. Niyabo?

334 Ngakho siyazi abaprofethi babekhona ezinsukwini ezadlulayo. Namuhla nguKristu. "UNkulunkulu esekhulumile endulo kubaba ngaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi; ekugcineni kwalemihla ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu," okunguMoya oNgcwele kithi.

Manje Ulapha.

335 Uyakuqonda lokho. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Ngifuna ukukubuza, njengomKristu oyedwa komunye. Ngithe nje ngingabuka laphaya, ubungasho ukuthi ikhona into eyenzekile, omnandi ngempela, uMoya othobile. Kunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kuqinisile, ukuze abantu bezobona. Niyabo? Manje, khona manje, ngibuka owesifazane, uma

ningambona, niyabo lapho, ukuKhanya okuphuzi. Kuzungeza owesifazane.

336 Manje uyaqhela kimi. Qhabo. Kuya komuny'muntu. Ngomunye wesifazane. Ngukuthi, ukhulekela owesifazane, omuny'umuntu. Ngumamezala wakho. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Futhi une—nesimo sezinso. ["Yebo."] Futhi—futhi unenso eyodwa kuphela. ["Yebo."] Futhi uyesaba ukuthi ngumdlavuza. Futhi yingakho ulapha, ukuba ungicele ukuba ngimkhulekele. ["Yebo."] Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa na? Hamba, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi abazukudingeka ukuba bayinyakazise. Ungangabazi. Thatha leyonto encane onayo esandleni sakho, uyibeke phezu kwakhe.

337 Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

338 Sawubona? Siyizihambi, futhi, komunye nomunye. Isikhathi sethu sokuqala ukuba sibonane. Futhi uma . . . UNkulunkulu, ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu, uthume uMoya waKhe. UJesu wathi, "Nomaphi lapho kuhlangene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyakuba phakathi kwabo." Leso yisithembiso saKhe, akusiso na? Manje, Angehlehle esithembisweni saKhe.

339 Into kuphela, ukuthi, silufifi kakhulu ekukholweni, size sehluleke ukuMbona. Yingalesosizathu uNkulunkulu ethuma abaprofethi emhlabeni. Niyabo, abantu angeke balifunde iBhayibheli labo. Futhi a—abalifundi. Bavele bahambe nje, ngakho uNkulunkulu njalo ubathumelela isibonakaliso. Futhi ngokwejwayelekile umprofethi uyisibonakaliso. Niyabo? Futhi namhlanje uMoya oNgcwele uyiSibonakaliso sethu, ngoba UngumProfethi kaNkulunkulu ehamba ngathi. UngumProfethi kaNkulunkulu, iSibonakaliso sezinsuku zokugcina.

340 Manje, ngingakwazi, futhi ngingazi lutho ngawe. Kodwa uma iNkosi uJesu Kristu, engisanda kukusho nje, eBhayibhelini, ubengakhuluma ngami futhi angitshele ukuthi umele ini lapho, kungakwenza ukholwe na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Kungazenza izethameli zikholwe na? [Ibandla lithi, "Yebo."]

Manje, uBaba ulalele. Ngiyazi.

341 Uphethwe yisimo sokugula kwemizwa. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

342 Manje, omuny'umuntu khona lapho ucabange ukuthi ngikuqagelile lokho. Manje, ungeke usakufihla manje, mfowethu. Kungena lapha. Uyabo? Ngikutholile lokho. Ungakukholwa lokho. Ungakukholwa neze lokho. Lokho kuyisono. Lokho kungukungakholwa. UNkulunkulu uzokulahla ngakho. Uyophendula ngoSuku lokwaHlulelwa. Ngifanele ngikubize lokho, kodwa ngokwejwayelekile ngingena enkathazweni.

343 Angazi ukuthi Ukutsheleni. Umzuzwana nje. Ya, nakho, isithunzi. Ngukugula kwemizwa, ukuphelelwa amandla. Uphel'amandla ngakho, konke ukuxhuxhuma, usube nakho isikhathi eside. Kunjalo. Unenye futhi inkathazo, futhi. Unomunye omkhulekelayo. Umyeni wakho, esibhedlela, nenkathazo yesisu, ubesanda kuhlinzwa nje. Nkk. Good, hamb'uye'khaya, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Bese ubeka lokho phezu kwakhe, futhi uzo—uzosinda. UNkulunkulu akubusise.

344 Ngabe Uyanazi na? Niyabo? Impela, Uyanazi. Ngiyabona. Lokho yi. . . Aniqondi yini ukuthi uJesu ofanayo owahamba eGalile uyilowoJesu ofanayo lapha kulobubusuku na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Anikuqondi lokho na? ["Amen."]

345 Manje, angazi lutho nga. . . Ngicabanga ukuthi lowo bekungowesifazane okhulekelwe, *lapha* nje. Kunjalo na? Noma yibaphi nina bantu nake namazi lowo wesifazane na? Ukhona omaziyo lowo wesifazane na? Phakamisa isandla sakho. Ngabe lezozinto beziqinisile na? Vayizelisa izandla zakho, uma kunjalo. Khona *lapho*. Lokho kuhle.

346 Woza. Uyakhuluma ngesiNgisi na? [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Lokho kulungile. INdiya na? ["INdiya."] Nginokukuhlonipha, uMmelika wangempela. ["Yebo, mnumzane."] Angicabangi. . . Mina, njengomuntu oyedwa nje, ngeke ngenza isinqumo. Ngingenza kuphela isinqumo sami esisodwa. Ngiyacabanga ukuthi awukutholi ukuphatheka kahle. Uyazi angikutholi. Ngiyacabanga, esikhundleni sokuthumela izigidi nezigidigidikazi zamadola, phesheya kwezilwandle, bafanele banakekele nina bantu. Kunjalo. Kunjalo. Kunjalo impela. Inhliziyo yami njalo yayinizwela. Ngangisenhla esabelweni eSan Carlos, kungekudala. Ukuthi uMoya oNgcwele wangena kanjani lapho, waphilisa labobantu abampofu!

347 Ngiyisihambi kuwe, mnumzane. Angikwazi. Angikaze ngikubone empilweni yami. Siyizihambi uqobo. Kunjalo. Singubuzwe obubili. NgiyiAnglo-Saxon; wena uyiNdiya. Nginokuncane kwegazi kimi okuvela kumama wami. Ugogo wami wayeyiCherokee. Ngiyaziqhenya ngakho. Kunjalo. Kodwa njengomfowethu, ngingenze lutho lokukulimaza. Ngingakusiza kuphela.

348 Isizwe samaNdiya, sasivame ukuthi, uma enelilodwa phakathi kwawo, elalingabikezela futhi likhombise ukuthi inyamazane yayikuphi, liba ngumprofethi phakathi kwawo. Futhi ayeyibo. Kodwa uma libikezele into ethize eyayingesilo iqiniso, lalifanele liyifele. Lalifanele. Kunjalo. Ayengenalo elenza iphutha kanye nawo.

349 Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu. . . Isizwe singahle ukuba sikunika ukuphatheka kabi, kodwa uNkulunkulu akasoze akunika okukodwa. Wakuthumelela iNdodana yaKhe.

350 Ngisanda kubona nje okwenzekile. Usanda kuphuma esibhedlela nje. [Umfowethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Ehhe. Uzela ukuzokhulekelwa lapha. Unenkathazo yesisu, futhi ulaliselwe ukuhlinzwa. ["Yebo."] Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Woza lapha.

Baba waseZulwini, ngiyayilahla lenkathazo yesisu.

351 Sathane, umfihlele udokotela, kodwa awusoze wamfihlela uNkulunkulu. Phuma kulo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ungakhathazwa yikho. Qhubeka, ube kahle.

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Sawubona?

352 Lelinenekazi elincane lihlezi khona *lapha*, likhuleka, ngemuva nje kwalentombi ehlezi ngaphambili, linenkathazo yesinye, uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokuphilisa, nenekazi? [Udade uthi, "Ngiyakholwa ukuthi Wakwenza."—Umhl.] Nakho-ke.

353 Ngitsheleni ukuthi lithinte uBani. Liqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi. Lithinte umPristi oMkhulu, kunjalo, onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Anikukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

354 Uyakholwa, nenekazi na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? ["Yebo, ngiyakholwa."] Akusuwe onenkathazo. Ngudadewenu. ["Kunjalo."] Unomdlavuza. ["Yebo."] Kunjalo. Unga . . . Kholwa. Ungangabazi. Thatha iduku onalo wenzele yena, bese ulibeka phezu kwakhe. Ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Uzophuma kuwo. ["O Jesu!"] Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. ["NgiyaKubonga, Jesu."] Qhubeka wehle. Ehhe.

355 Yibani nokukholwa. Niyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Sekusukile emsamo. Kusezethamelini.

356 Ngomncane, owesifazane ozacile ehlezi emuva ngqo *lapho*, oneTB. Ehlezi emuva lapho, ekhuleka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakholwa na? Inenekazi elincane lilunguza ngqo, emuva le ngemuva. Phakamisa isandla sakho, emuva lapho, nenekazi, ngqo emva kwaleyondoda ejikayo. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Yebo. Omncane, owesifazane ophungule izinwele. Kulungile. Nakho-ke. Kukholwe, futhi sekuphelile.

357 Uthinteni, emuva le ngemuva na? Ngikuphosela inselelo ukuba ukukholwe.

358 Kuthiwani ngawe, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yeqolo isukile kuwe, selokhu ume lapha na? Awu, manje-ke, qhubeka nje. Yilokho kuphela obufanele ukwenze.

[Udade uthi, "NgiyaKubonga, Jesu."—Umhl.] Kukholwe ngakho konke okukuwe.

359 Ubunento efanayo. Ngakho uma ukholwa nje, qhubeka nje nokumasha uya phambili, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi. Kwenze kusinde." Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

360 Uyesaba ukuthi uzokhubazeka kwenyuke ngesifo samathambo. Awesabi na? Ngakho uma ukholwa, kholwa ngenhliziyo yakho, uhambe. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi usinde. Yilokho kuphela ofanele ukwenze, ngukukholwa.

361 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kanjani ngabanye benu bantu khona lapho na? Ngabe nisekukholweni, nikholwa na?

362 Ukuba-ke bengikutshele ukuthi uJesu ukuphilisile, umi lapho, ubuzokukholwa na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Qala nje uhamba uqhubeka, uyabo, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

363 Ufuna ukuya ekhaya, udle ukudla kwakho kwakusihlwa na? Uyakholwa ukuthi lesosisu esidala esixhuxhumayo sesisukile kuwe na? Qhubeka, udle uma ufuna. Kholwa.

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

364 Kuthiwani ngalowo wesifazane ohlezi laphaya, ekhulekela lowo omncane . . . Lowomntwana unesimo segazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa umntwana na? Kulungile, ungaba nakho.

365 Lokho kutheleke kulelonenekazi, ngqo—ngqo eduze kwakho lapho. Lihlezi lapho likhulekela isimo sokugula kwemizwa, kunjalo, eduze kwakho. Futhi, unomfowenu onesimo esiphathelene nengqondo. Kunjalo. Unomama oneso elikabi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uNkulunkulu uzobenza basinde. Amen.

366 NiyaMkholwa na? [Ibandla lithi, "Amen," futhi liyathokoza—Umhl.]

367 Wena-ke ngapha, esihlalweni esinamasondo na? Uyakholwa na? Leyo yindodana yakho ehlezi lapho, esho lokho nje ngaleyonkathi. Leyo yindodana yakho. Unomdlavuza ebusweni bakho. Uzwa kal'khuni. Ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kunjalo. Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho! Uyayikholelwa khona, indodana na? Uyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Itshele endlebeni yayo. Beka isandla sakho phezu kwayo, bese uyemukelisa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

368 Niyakholwa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.]

369 Niyamkholwa uMesiya, uMesiya omkhulu kaNkulunkulu, ehamba phakathi kwabantu baKhe na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.]

370 Niyavuma ukushiya konke futhi niMlandele na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.] Uma nivuma, phakamiselani izandla zenu kuYe, bese nithi, "NgizoMlandela. NgizoMlandela. NgizoMkholwa. Onke amaZwi Awashoyo, ngizoMkholwa. Ngizoqondisa impilo yami. NgizoMsebenzela." Nkulunkulu hawukela! UNkulunkulu anibusise.

371 Mangaki amakholwa aphakathi lapha manje na? Phakamisa isandla sakho. [Ibandla liyathokoza—Umhl.]

372 Bangaki ofuna ukusondela kuYe na? Phakamisa isandla sakho. [Ibandla liyathokoza—Umhl.] Wonke ofuna ukusondela kuYe futhi aMemukele khona manje, Ukhona lapha. Lobu nguBukhona baKhe.

373 Leyondoda emuva lapho nenkathazo yendlala esesinyeni, isiphelile, mfowethu. UNkulunkulu ukuphilise nje ngaleyonkathi.

374 Ngani, Kuya nje ndawo zonke kanjalo, ekuKhanyeni, kushaya indingilizi macala onke phezu kwendlu. Noma yini ingenzeka khona manje. Besingaba nenye iphentekoste, uma nje nikukholwa. [Ibandla liyathokoza—Umhl.]

375 Sukumani ngezinyawo zenu, nonke. Phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu. Mnikeni udumo. [Ibandla lithokoza kakhulu futhi liyadumisa—Umhl.]

376 NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. SiyaKudumisa, Baba, ngenxa yokuthi UnguMsindisi wethu noNkulunkulu wethu. Ulapha. Uliqinisekisile iZwi. ULifakazisile ukuthi linjalo. UnguNkulunkulu, uMesiya, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngaphandle kokwehluleka, ngaphandle kokungabaza, UyiNkosi uJesu ofanayo. Alibongwe iGama laKhe elingcwele!

377 NiyaMthanda na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen," futhi liyathokoza—Umhl.]

378 Bangaki kini ongamakholwa manje na? Phakamisa isandla sakho. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, uJesu washo lokhu, qobo lwaKhe, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Akusimina kuphela onoMoya oNgcwele. NinaWo, nani. Uyikholwa, ngokufanayo nje njengoba ngiyikholwa. Manje shiyani konke ukungabaza kwenu.

379 Beka isandla sakho phezu komuny'umuntu futhi ukholwe ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa lowomuntu, ngokweZwi laKhe. Uma Ezolugcina loluhlobo . . . Beka isandla sakho phezu komuny'umuntu, hambani ukuba nibakhulekele, nithi, "Nkosi,

philisa lowomuntu." Khulekani futhi nibone ukuthi kwenzekani. Uyikholwa. [Ibandla liyathokoza futhi liyakhuleka—Umhl.]

380 Nkulunkulu uMninimandla onke, eGameni likaJesu Kristu simehlulile udeveli. Simkhuzile, futhi sahlakaza amandla akhe asuka kuye. Ngemivimbo yeNkosi uJesu Kristu siyasindiswa.

[Ibandla liyaqhubeka lithokoza futhi likhuleka—Umhl.]

